

UJEHOVA-JIRA ³



Sikhothamise amakhanda ethu okomzuzwana nje senzele umkhuleko.

Wayese *qamba igama lendawo ngokuthi uJehova-jira: njengalokhu* ibonwa entabebi yeNkosi kuze kube namuhla.

² Baba wethu waseZulwini, siyabonga kulobubusuku ukuba sibe nalenhlanhla yokubuthana ndawonye eGameni leNkosi uJesu, ukuYikhonza eMoyeni wokuvuka kwaYo. Futhi sibonga kakhulu kuWe, ngalokho Osuvele usenzele khona, ngokuzikhomba Wena uqobo ngeZwi phakathi kwethu, nangokuvuka. Namathemba ethu akhiwe aphezulu kakhulu, Nkosi, ngoba siyazi ukuthi—ukuthi uNkulunkulu esimkhonzayo akasuye omunye unkulunkulu womlando, kodwa uNkulunkulu wenkathi yamanje, Lo ovukile kwabafileyo, futhi ufakazisile ukuba nguNkulunkulu owayenoMose, nanoAbrahama, nabobonke abaphostoli, futhi usenguNkulunkulu ofanayo. Manje-ke okwethu...Sijoyina phakathi noEddie Perronet, njengoba wathi, “Amathemba ami lakhelwe phezu kwalutho olungaphansi kodwa iGazi likaJesu nokulunga.” Ngakho, siyaKubonga ngalokhu okuthokozisayo okukhulu nenduduzo esinayo.

³ Baba, kulobubusuku, uma engabakhona oyedwa lapha phakathi kwethu, kulobubusuku, ongenalo lelithemba elikhulu, kwangathi leli kungaba yihora ukuthi leloQiniso eliPhakade elilodwa elikhulu lizokwembulwa kubo, Baba, ukuthi bazokwazi ukuthi isizathu sokuba babelapha emhlabeni akusikho nje uku—ukusebenza. Futhi lesa ngesinye sezizathu, kusobala. Kodwa isizathu esikhulu ngokuba yindodana noma indodakazi kaNkulunkulu. Futhi kwangathi lokho kungaqedwa, kulobubusuku. Siphe khona, Nkosi.

⁴ Sibusise manje njengoba sihlanganyela ngaseZwini laKho. IZwi laKho liyiQiniso. Futhi kwangathi uMoya oNgcwele omkhulu angathatha iZwi likaNkulunkulu futhi aLehlukanisele thina njengoba sinesidingo, ngokuba sikucela eGameni likaJesu. Amen.

Ningahlala phansi.

⁵ Ngiyabonga ngethuba ukuba ngibuye futhi kulobubusuku, nokubhekana nani bantu abahle futhi ngaleliVangeli elikhazimulayo. Sikumemezile lokho, manje, kusasa ekuseni uSonto sikole, abelusi abahlangene nababambisanayo banoSonto sikole ohlangene khona lapha. Ngicabanga ukuthi lokho kuhle ngempela. Futhi abaningi babo ukhiphe izihlalo emabandleni abo base beziletha lapha benzela abantu, futhi

ngempela kuyisenzo esihle esithembekile sabantu ukuba benze into.

⁶ Siyabonga kuNkulunkulu ngesimo sezulu esihle Asiphe sona. Babikezele ukuthi besizoba nezichotho nezinto, ngasonke isikhathi. Kodwa Uzigcine zihlehlile izichotho, futhi asibanga neyodwa encu yenkathazo. Siyabonga ngalokho.

⁷ Futhi manje, kulobubusuku kunikezwe...Sibe nje nezinkonzo zobuvangeli ezijwayelekile. Futhi uma kukhona noma yiziphi izihambi kanye nathi...Asigcizelelanga kakhulu e—ezonini eziza kuKristu. Futhi ngithathe indikimba ngoLwesine olwedule ebusuku, futhi angikaze ngifike kuyo namanje. Sikhuluma ngoAbrahama nje, futhi asikaze sifike endikimbeni namanje, ka*Jehova-Jira*. Ngakho sizama ukuqeda lokho kulobubusuku. Futhi siyethemba ukuthi iNkosi izosindisa wonke umuntu ongasindisiwe, futhi igcwalise wonk'muntu ongagcwalisiwe ngoMoya oNgewele, kulobubusuku.

⁸ Manje cabanga ngakho ngokusondele kakhulu impela siselapha. Futhi sisa—sisakhuluma, vula inhliziyo yakho ukuze uMoya oNgewele ungakhuluma ngaphakathi kuwe. Senzani lapha, empeleni na? Kucabangisise lokho nje. Ini, ibikade iyini impilo yakho na? Ukhonela ini lapha na? Ngabe uNkulunkulu...Usesimweni esinjalo ukuthi uNkulunkulu angathola konke—konke lokho Akubekele khona lapha, kuwe na? Uma kungenjalo, khona-ke asikuxazulule lokho kulobubusuku, bangani. Yi...

⁹ Ngi—nginabanye abangani abanamathele ngapha, abavela ebandleni lami. Abanye be...Omunye wabaphatheli, engibaziyo, nababili noma abathathu babazalwane. Ngiyawukhumbula nje umndeni omusha uhlezi lapha, kulobubusuku, wakwaPalmer ovela lapha ndawondawo, ushayela amamayela amaningana njalo—njalo ngeSonto ngikhuluma enhla eIndiana. Futhi uMnu. Welch Evans nomndeni wakhe ulapha ndawondawo. Angazi nje ukuthi kuphi. Ngi...Namhlanje, kade ngitadisha, ngokwangempela usuku lonke, futhi bengiwezwa amaphimbo abo phandle lapho ngaphandle. Futhi nga—ngazile bebeseduze.

¹⁰ Manje, kusasa, kusasa ngelesibili. [Omunye uthi, "Elesibili."—Umhl.] Ngelesibili nqo, kusasa, inkonzo yonke kusasa ntambama inikezelwa kwabagulayo, okomkhuleko wabagulayo. Manje, abantu abanangi babhekisela kuyo njengenkonzo yokuphilisa. Awu, asithandi ngempela ukuyibhekisela kanjalo. Ngoba, asiyibize ngenkonzo yokukholwa. Ngakho, uma ukukholwa kwethu kungafika kuleyondawana, emva kokuba Ekhonjiwe phakathi kwethu, futhi azi yonke into esenhliziyweni yethu, futhi ekufakazisile kithi, niyabo, ukuthi Uyaphila, futhi wakuqinisa ngomBhalo.

¹¹ Niqaphelile ukuthi Ulisekele kanjani lonke iZwi, ngoBukhona baKhe obuphilayo na? [Ibandla lithi, “Amen.”—Umhl.] Niyabo? Niyabo? Niyabo? Manje, lokho kukhombisa ukuthi awudingekile nje ukuba ucabange ukuthi nje sizama ukusho okuthize okuwuhlobo lwento ethize eyinganekwane ethize. Lokho leliBhayibheli elikuthembisile, lokho yiQiniso. Niyabo? Manje lonke iZwi liqinisele.

¹² Manje, ngingahle ngingabinakho ukukholwa okwenele ukwenza lonke iZwi laLo lisebenze, kodwa impela ngeke ngime endleleni yanoma yimuphi umuntu obenalokho kukholwa. UEnoke wabanokukholwa ngokwenele, ngelinye ilanga, ukushaywa umoya kwantambama noNkulunkulu, futhi nje belokhu behamba, banyukela eKhaya ngaphandle kokufa. Manje, ngicabanga ukuthi iBandla lizofanele lifike kulokho, okholweni lokuHlwithwa. Ngingahle ngingabinakho lokhokukholwa njengamanje, kodwa ngiqinisekile angeke ngama endleleni yomunye umuntu obenakho lokho kukholwa.

¹³ Ngakho, sethemba ukuthi uNkulunkulu uzosinika ukukholwa okukhulu, futhi, kusasa ukuthi akuzukubakhona muntu obuthakathaka oshiywa endlini, uma bedlulela emkhulekweni. Sizokukholwa nje lokho. Futhi manje uma sizokukholwa! Manje, ngikubonile lokho izikhathi eziningi kakhulu!

¹⁴ Ngisibonile isikhathi lapho izinkulungwane ezingamashumi amabili-nanhlanu, cabangani nje manje, hhayi amakhulu angamashumi amabili-nanhlanu, izinkulungwane ezingamashumi amabili-nanhlanu ukuphiliswa okuningi okugqamile kwenzeka ngomkhuleko owodwa: eThekwini, eNingizimu Afrika. Balayisha, angazi ukuthi amaveni amangaki amakhulu, o... Amabili awo ayengagcwalisa yonke lento phakathi *lapha*, athathe lokho okufakwe lapho, iveni enkulu yaseBrithani, ayisithupha nayisishiyagalombili amasondo kuwo, kanjalo, nje iveni emva kweveni, eza ehla, nezagila nezihlalo ezinamasondo, noma lokho abakubiza ngezihlalo ezinamasondo, izinto ezincane abathwala ngazo abagulayo. Futhi babehlise bedabula emenweni. Nebhubesi libalandele, babebakhwelisa ngokukopela phezulu esihlahleni. Bese-ke beqhubekela emhlanganweni. Bese kuthi-ke ukubona nje, emsamo, umfana.

¹⁵ Owokuqala oza emsamo kwakungo—kwakungowesifazane. Futhi wayemakwe uMohamede, nechashaza elibomvu phakathi kwamehlo akhe. Futhi ngiyambuza ukuthi wayekwazi yini ukukhuluma isiNgisi. Wayesethi, “Kancane nje.”

Ngase ngithi, “Ngiyabona ukuthi ungokaMohamede, okaMohamede.”

Wathi, “Yebo.”

16 Ngathi, “Yini uze kimi, njengomKristu na? Awuyi ngani kumpristi wakho na?”

Wathi, “Ngiyakholwa ukuthi ungangisiza.”

17 Ngase ngithi, “Awu, ngeke ngakusiza, ngaphandle uma, ukholwa kuJesu Kristu.”

Wayesethi, “Awu, ngizibonile izinkonzo.”

18 Lapho nje izinsuku ezintathu. Sasithi asibe cishe, nezinkulungwane ezingamakhulu amabili zihlezi ngaleyonkathi, endaweni. Ngakho manje-ke babenazo zibiyelwe gimbici, ngoba babenezimpi zobuzwe, futhi.

19 Ngase ngithi, “Awu, manje, uzofanele ukholwe kuJesu Kristu.” Ngase ngithi, “Sewake walifunda i—iTestamente eLisha na?”

Wathi, “Ngilifundile.”

20 Ngathi, “Ucabangeni ngoMlayezo engiwunikezayo nje, ngaYe enguyena izolo, namuhla, naphakade na?”

Wathi, “Ngiyawukholwa.”

21 Ngase ngithi, “Manje-ke ukuba iNkosi uJesu ibiphila namuhla, Isivele ikuphilisile. Mayelana nokuhlupheka kwaYo, sekuvele kulondolozwe. Kodwa ubuzofanele ube nokukholwa. Futhi ukuba Ibilapha, Ibizokwazi ukuthi ubungubani. Ibizokwazi ukuthi wenzeni. Ibizokwazi konke ngawe. Uyakukholwa lokho na?”

Wathi, “Yebo, mnumzane.”

22 Ngathi, “Uma Izokwembula lokho, uyaYikholwa, manje-ke, Ibizoba yiNdodana kaNkulunkulu, futhi ivusiwe kwabafuleyo, futhi iphila njalonzalo lapha manje na? UMoya waYo kimi, nalawa amanye amaKristu na?”

Wathi, “Ngiyakukholwa.”

23 Ngathi, “Okukhonela lapha... Umyeni wakho ungemfishane, indoda ezimukile. Inamadevu amanyama. Emavikini amabili edlule, wawukudokotela. Nanti igama lakho.” Ngangingakwazi ukulibhala, ngingakwazi ukulisho. Ngafanele ngilipele. Kwakuyigama lobuMohamede.”

Wathi, “Kunjalo.”

24 Ngase ngithi, “Manje-ke, nendoda yakho yalinda ehholo. Yayigqoke isudu empunga nesigqoko esinsundu ngokumpofu.” Ngathi, “Udokotela wayethi ukuba yindoda ende, encane ngomzimba, wayefake izibuko ezinkulu zegobolondo lophondo. Wakunikeza ukuhlolwa kwabesifazane, futhi wathola ukuthi wawunesikhwama esinobomvu esibeledweni.”

Wathi, “Yiqiniso lelo.”

Ngathi, “Uyamemukela uJesu njengoMsindisi wakho na?”

Wathi, “Jesu Kristu yiba nguMsindisi wami.”

Olandelayo kwakungumfana omncane owayenezingxemu.

²⁵ Futhi babevumela nje kuphela izithunywa zenkolo zihambe, zithole ngamunye noma ababili esizweni ngasinye. Wawungenakubabamba, kungekhondlela nhlobo. Ngakho, babenamakhulu ngamakhulu ombutho ezama ukubabamba, futhi abakwazanga ukukwenza.

²⁶ Futhi ngakho manje-ke lona omncane, umfana onezingxemu, bamhlalisa emsamo, cishe ibanga *lalokho*.

²⁷ Futhi phezulu emsamo, leyominduze emikhulukazi amaCalla. Nina bodade lapha, enithanda izimbali! Eminye yaleyominduze amaCalla lapho angama intshi ayishumi nesishiyagalombili ukuvundla; ephuzi, emhlophe, emihle. Futhi babenawo. Ingeyasendle nje. Babenomqulu wezimbali ubekwe uzungezile.

²⁸ Futhi ngangikhuluma. Bamhlalisa ngezinqe umfana omncane. Isithunywa senkolo samhlalisa ngezinqe. Nomfo omncane wayeyingxemu. Wayesanda kuba nedina lakhe nje.

²⁹ Ngezinye izikhathi uhlobo lwabo—lwabo lokudla luxake kabi. Wayene... Bathatha usiba oluncane bese bedonsa imithambo yenkomazi, kulokho abakubiza nge—ngebhakede. Kuyisaka elincane, isikhumba esithungwe sahlanganiswa, bese bededela i—igazi, igazi elishisayo, lingene lapho. Bese-ke besengela ubisi oluncane kulo, bese bekuphehla, futhi kwenza o—omnandi uswidi wabantwana.

Ubungeke ukufune okunye kwakho, ubungakufuna, s'thandwa na? Qhabo.

³⁰ Ngakho lokho, kodwa, yena, yilokho ayekade ekudla. Namehlo akhe amancane ayeyizingxemu. Ngathi, “Manje, noma ubani angabona, uzokwazi ukuthi yini engalungile ngomntwana. Amehlo akhe liyingxemu. Uma bengingayisiza leyongane,” ngathi, “Ngempela bengizokwenza. Kodwa ngi—ngingeke ngayisiza, akekho nanoma ubani omunye.” Ngathi, “Ukuba udokotela ubengakwenza, ngani, uma ubengekwenze, khona-ke ubeyoba yinto ethize kanzima ephuma enhliziyweni kadokotela, ukuba ubengayisiza.” Ngathi, “Angicabangi ukuthi bebengaba noma yiyiphi enye indlela yokwenza ngalesisikhathi.”

³¹ Ngathi, “Kodwa, manje, iNkosi ingembula kimi ngengane.” Kwasekuthi-ke, Kwathi, “Ingane, uyise nonina bayizithandani ezincane ngomzimba.” Lokho kwakuyi. . . WayengumZulu, futhi ngokwejwayelekile baqatha. Ngathi, “Lona yibo behlezi khona phandle lapha manje. Igama labo ngu *s'bani-bani*.” Ngase ngithi, manje-ke, “Ingane yazalwa inezingxemu. Isizathu, umama. . . Bavela e. . . Bayamkholwa umKristu, ngoba kuyingaphakathi lomncane, uguqasithandaze, kunesithombe sikaKristu, silenga ngakwesokudla sodonga.”

³² Futhi ngathi, “Futhi ingane, kwathi nje umama angakhombisa ubaba ingane, yayinezingxemu.” Ubaba nomama basukuma, ukuqinisekisa ukuthi kwakunjalo. Ngabuka emuva enganeni encane, amehlo ayo eqonde njengawami.

³³ Ngakho ngathi, “Manje, uyabo, iNkosi,” ngathi, “Angikaze ngibe semafidini ayishumi engane, ingane iphilisiwe.”

Ngavele nje ngayedlulisa. Futhi ngabiza olandelayo.

³⁴ Futhi-ke ngenkathi kwenza, ngezwa isiphithiphithi. UDkt. Bosworth noDkt. Ern Baxter, izimenenja zami, emhlanganweni, babeqophisana nomunye umuntu, futhi nga...kwenziwa isiphithiphithi esinjalo. Lomfo wayezama ukufinyelela emsamo, noma ezama ukufinyelela phezulu lapho. Futhi kwakukhona odokotela abaningana, odokotela bezokwelapha behlezi lapho. Ngakho lodokotela wezokwelapha, wa-wathi, wayekhuluma. Wathi, “Ngifuna ukukhuluma naye ngaleyongane.”

Ngaphenduka, ngathi, “Yini indaba, dokotela na?”

Wathi, “Waze kanjani ukuthi bengingudokotela na?”

³⁵ Ngase ngithi, “Ungudokotela. U...Wakhuliswa, eNgilandi. Ungudokotela waseBrithani.” Ngase ngimtshela ukuthi wafundaphi esikoleni.

³⁶ Wathi, “Manje, Mnu. Branham, ngingaqonda ukuthi kukuphi lapho ukufunda umqondo kunga-kungafunda umqondo wami.”

Ngathi, “Angifundi wona umqondo wakho, dokotela.”

³⁷ Wayesethi, “Kodwa engingakuqondi...” Wathi, “Ngiyakholwa ukuthi ukhona uNkulunkulu. Futhi ngiyazi ukuthi lowomnduze ungeke waphila lapho ngaphandle kukaNkulunkulu,” wathi, “ngoba unokuphila kuwo.” Wathi, “Kodwa ngabe Uyaphatheka na? Ngihlalise leyongane emsamo. Ngayihlola. Amehlo ayo beliyinxemu khona lapho. Futhi nansi ingane manje namehlo aqondile. Kwenziwe yini, Mnu. Branham na?”

Ngathi, “UJesu Kristu.”

³⁸ Wayesethi, wathi, “Awu, manje buka,” wathi, “Ngiyakholelwa kuNkulunkulu.” Wathi, “Kodwa ngifuna ukukubuza umbuzo, njengomfundisi manje. Uyithwebulile yini leyongane na?”

³⁹ Ngathi, “Mnumzane, futhi uchaza ukuthi i-iNhlango yezoKwelapha yaseBrithani ikunika ilayisense ukuba usebenzise umuthi, futhi ungazi lutho ngokuthwetshulwa kunalokho na? Uma ukuthwebula kuyoqondisa amehlo ezingane, ubufanele usebenzise ukuthwebula.” Uyabo?

Wayesethi, “Awu, ngitshele ukuthi kwenziwe yini.”

Ngathi, “UJesu Kristu.”

Wathi, “Buka,” wathi, “Ngiyakholwa. Ngithe uNkulunkulu ukulowomnduze.”

⁴⁰ NoMnu. Bosworth wathi, “Manje, uzoqala isibhelu lapha.” Isizathu, babenokwehlukana, futhi, lapho, niyazi.

⁴¹ Futhi ngakho ngathi, “Uzo. . .” Manje-ke, impi yobuzwe. Ngathi, “Uzoqala isibhelu manje. Ungakwenzi lokho.” Ngathi, “Uthatha isikhathi esiningi kakhulu saleyongane.”

⁴² Ngase ngithi, “Nakhu ofanele ukwenze. Ingane ibimi lapho. Wayibeka emsamo. Ukukholwa kwayo uqobo, nokukholwa kukanina, ngokuyitshela lokho, kwayiphilisa ingane. Amehlo ayo abephambene lapho, ayizange ingithinte, noma ibe ngakimi, kumbe noma yini enye. Angizange ngisho ngibe ngaphezu kokuyibuka futhi ngayibona ingane, ngabuka emuva ebandleni, ngabona umbono, ngasho ukuthi ubuyini, ngase ngibuka emuva, amehlo engane beliqondile.”

⁴³ Futhi wenyuka phansi kwaleyomayikhi enkulu ehlangene. Wathi, “Ngiyamemukela uJesu Kristu njengoMsindisi wami.” Niyabo?

⁴⁴ Ngenkathi ngisuka eThekwini, wagxumela ngale kothango, lapho abaningi, cishe ishumi, abantu abayizinkulungwane ezingamashumi amabili wayephandle lapho ukuba bathi uhambe kahle, futhi. . .Noma, ukusuka (hhayi eThekwini, ngiyaxolisa) eJohannesburg. Futhi wagxumela ngaphandle, wayesengidumela okhalweni, *kanje*, wayesengitshela ukuthi wayesewuyekile umsebenzi wakhe edolobheni, futhi uphendukela ensimini yemishini, njengesithunywa senkolo sokwelapha ngemithi kubantu. Futhi ngenkathi ekhuluma kimi, waqala ukukhuluma ngezinye izilimi, lapho ekhuluma kimi. Lokho kuqinisele, udokotela wezokwelapha ngemithi, waseSheshi, waseSheshi.

⁴⁵ Olandelayo ezansi lapho kwakungumfana omncane, noma insizwa. I. . .Ngeke ngibe nesikhathi sokungena kukho. Ku. . . Yayinjalo, ya—yayingeka ihambe ngezandla zayo nezinyawo, kanjalo. Babeneketango elizongolozele intamo yayo, njengenja.

⁴⁶ Ngase ngithi, “He, wena. . .” Lowomfo bandla, uma noma yimuphi umuntu ebengamsiza, futhi angakwenzi, bekungaba ngumuntu onehliziyo enonya kabi. Ngathi, “Kusobala, manje, ngeke ngamphilisa, noma ubani uyakwazi lokho. Ngeke ngamphilisa. Ngingasho nje kuphela uma iNkosi izongikhombisa ukuthi kwenzekeni, noma ukuthi kwabangelwa yini, noma okuthize. Ngoba ukuphilisa sekuvele kuthengiwe.”

⁴⁷ Manje, ngifuna nina bantu lapha, ogulayo, nikuqonde lokho. Ukuphiliswa sekuvele kuthengiwe. Senivele niphilisiwe. Kungukusilela nje kokukholwa. Konke kungenzeka kulabo abazokholwa. Nifanele nikukholwe nje lokho manje.

48 Futhi ngakho manje-ke sithola ukuthi lo omncane . . . lomfo lapha, nga—ngathi, “Menyuseleni lapha.”

49 Futhi babemhola ngeketango. Futhi wacabanga, manje, ngezinye izikhathi izizwe zifuna ukwenza ukuhlelisa zenzele izivakashi. Futhi benza umdanso omncane, niyazi, umdanso omncane wesizwe, ukuba bathole izinhlamvu zemali ezivakashini. Futhi wacabanga ukuthi ngangifuna ukuba enze ukudansa. Umfana wayengaphilile ngisho nangokwengqondo. Futhi, ya, bengingesho kulesisixuku esixubile, ngoba abagqoki zingubo, niyazi. Abesifazane babo, abesilisa, nabobonke, bahamba-ze. Ngakho ba—ba nje . . . mhlawumbe isiqephu sendwangu, noma okuthize. Kodwa wayehamba ngezandla zakhe nezinyawo, futhi nje kwakwesabeka kabi. Ngakho manje-ke ngi . . . Bambamba ngeketango, *kanjalo*, base bemkhuphula; benalo lizongolozele intamo yakhe, bemhola. Futhi wayezama, ethi, “A-ba-ba-ba.” Ngazama ukumenza aqonde ukuthi kwakungesikho lokho engangikufuna. Ngi . . .

50 “Umhumushi wamaZulu,” ngathi, “manje yisho amazwi. Mtshale ukuba ame athule du futhi nje akholwe.”

51 Wayesengibuka phezulu *kanjalo*. Futhi—futhi ngathi, “Manje, umfana u . . . Ubekanjalo kusukela esengumfana omncane oyisikhundlwana.” Ngathi, “Ayikho ngempela . . . Acabanga ngakho manje, ngumfowabo. Umfowabo kuphakathi kokuthi wayegibeleinja ephuzi, noma imbuzi. Waphoswa.” Ngase ngithi, “Wazikhubaza. Uhamba ngezagila ezimbili.” Ngase ngithi, “Manje, ngibona insizwa iphilisiwe. Yona, isizintshingile izinduku zayo zokuqhugela.”

52 Ciske ngaleso sikhathi, kuthatha imizuzu engamashumi amabili ukubathulisa. Umfana wayehlezi ciske ebangeni eliyizindlu ezintathu zedolobha phandle lapho, ezansi kuleyondlela. Nangu eza, nezagila ziphezulu phezu kwezandla zakhe, nje egijima ngalo lonke ijubane ayengalihamba. Wayephilisiwe, ezansi le *lapho*, ngenkathi lowomhumushi ongumZulu. Abahumushi abayishumi nanhlanu abehlukene bemi laphaya. Usho igama, udingeka ulinde lize ledlule kubahumushi. Nangu eza, nezagila phezu kwekhanda lakhe, *kanjalo*. Wayephilisiwe.

53 Futhi—futhi manje-ke nga—ngaqalaza. Ngase-ke ngiqaphela, futhi, ngimbuka, ngambona esukuma. Lowo ngumbono. Ayikho into ezomisa lokho. Qhabo. Sekuvele kuphelile ngaleyonkathi, niyabo; nje ngilindele izwi.

54 Manje, bukani. LoMsombuluko ozayo ngizoba neminyaka engamashumi amahlanu-nanhlanu ubudala. Wusuku lwami lokuzalwa. Futhi ngibone imibono kusukela ngisengumfanyana. Angikaze ngibone namunye wayo wehluleka. Futhi ngizobuza noma ubani uma bake bawubona owodwa, owashiwoyo, uke wehluleke. Ungeke wehluleka. NguNkulunkulu.

⁵⁵ Ngakho, ngase-ke ngiwubona. Ngase-ke ngicabanga, “Nanti ithuba lami manje lokuba ngithole i...uku—ukuthola ukubizela kwami ealtare. Futhi ngambona esukuma. Ngazi-ke ukuthi wayezophiliswa, ngoba, niyabo, sekuvele kubonisiwe. Kuzofanele kube ngaleyondlela. Kuyilokho okushiwo ngumbono. Kuyilokho impela okuqinisile.

⁵⁶ Bangaki owaziyo ukuthi lezozinto ziqinisile na? Lokhu, ukuba izihambi zibone. [Ibandla lithi, “Amen.”—Umhl.] Kuqinisile. Nhlobo, akukho kwehluleka kukho. UNkulunkulu njalo ubekwenza kube ngokuqinisileyo.

⁵⁷ Ngacabanga, “Nasi isikhathi sami sokubizela ealtare.” Ngathi, “Manje, lomfana lapha, ngeke ngamphilisa. Kodwa uma amandla kaNkulunkulu engibonise umbono, khona-ke kuzophiliswa manje. Manje, uma engaphiliswa, khona-ke ngingumprofethi wamanga. Kodwa uma ephiliswa, bangaki kini phandle lapho abazokwemukela uKristu njengoMsindisi oqondene nawe na?” Kwakukhona, ngiqagale, kwakukhona abakaMohamede abayizinkulungwane eziyishumi lapho.

⁵⁸ Ngakhuluma nje, izinsuku ezimbalwa ngaphambi kwalokho, endodeni eyisihlakaniphi. Yathi, “Lowomklomelo obusisiwe!” Niyazi, bavela kwamadala amaMede oPeresiya. Abashintshi noma behluse. Ungeke washintsha noyedwa walabobafo.

⁵⁹ Ngakho, futhi babelapho, behlezi lapho. Omunye wabesifazane bakaMohamede wayesanda kwamukela uKristu nje, nalokho kwabathonya. Nendodana kaMahatma Gandhi yayilapho.

⁶⁰ Ngakho, kwakukhona—kwakukhona lomfana. Futhi ngakho ngathi, “Yima ume ngezinyawo zakho. UJesu Kristu uyakusindisisa.” Awu, wayelokhu ezama ukuhamba, “Gqu-gqu-gqu,” kanjalo. Ngawela futhi ngathatha iketango ngesandla sami. Ngathi, “Sukuma. UJesu Kristu uyakusindisa.”

⁶¹ Manje, nanti iBhayibheli. Futhi uma nonke nazi-ke ukuthi kwenzekeni kulobubusuku obumbalwa obedlule, bengingelokothe ukuba ngisho noma yini ebingaba yiphutha, kulokhu.

⁶² Lapho, lowomfana wayehluphekile kanjalo, wahamba, umhlane wakhe untengantenga phakathi le, njengehashi lintengantengisa umhlane. Izandla zakhe nezinyawo; izandla zakhe nje sasinamaqhubu nje njengezinyawo zakhe, ngenxa yokuhamba. Okokuqala empilweni yakhe, wama ngezinyawo zakhe. Izinyembezi zaqathakela esiswini sakhe esimnyama, kanjalo, egijima nje ehla, kanjalo. Akaphiliswa kuphela, kodwa eswangukile. Niyabo?

⁶³ Ngibonile, ngathi, “Manje kini nonke enizokholwa, mabakholwe manje ngisazokhuleka. Ngifuna ukwazi ukuthi bangaki lapha,” ngathi, “enizomamukela uKristu njengoMsindisi na?” Futhi kwakubukeka njengolwandlekazi.

Futhi barejista abomdabu boblankethe abayizinkulungwane ezingamashumi amathathu, ababengasazi esokudla esandleni sokunxele, beza kuKristu.

⁶⁴ Ngiyakhumbula ngikhuluma eKiwanis, kungekudala. Futhi manje-ke ngiyakhumbula umfo owangigcoba ebandleni leMissionary Baptisti, owayehlekisa njalo. Ngathi, “Lokho iBap-... Okubiza ngobuhlanya, uyabo, kuzuze eminingi imiphefumulo kuKristu ngehora elilodwa, kunamashumi ezinkulungwane zamadola ibandla leBaptisti elizifake ezithunweni zenkolo laphaya.

⁶⁵ Sabathola beyini na? Laphaya, beqhaselwe njengomKristu, *kanje*, futhi bephethe isithixo ngengalo yabo. “Uma Umoya...” *Umoya* uchaza “amandla angabonwa,” njengomoya ovunguzayo. “Uma wehluleka, *lo* ungeke.” Lokho ngamandla awo. Futhi lapho ngabona abomdabu boblankethe izinkulungwane ezingamashumi amathathu benikela ukuphila kwabo kuKristu.

⁶⁶ Futhi beya ezizweni phandle phakathi lapho, bezuza abanye abangani babo kuKristu. Futhi ngenza umkhuleko owodwa walonke iqembu. Futhi cishe amahora amane kusukela ngaleyonkathi, uSidney Smith, imeya yeTheku, uSidney Smith, imeya yeTheku, eNingizimu Afrika, wangibiza ocingweni. Okungukuthi, kwakukade kukhona owesifazane owayekade efile, ebusuku baphambi kwalokho, futhi ngangikade ngibiziwe, ukuba ngikhuleke. Futhi wayesemhlanganweni, ephila. Futhi ngakho, manje-ke, lobo kwakungubuhlobo bukaSidney Smith, futhi wayexhuxhuma ngakho konke.

⁶⁷ Kwasekuthi-ke ngenkathi lokhu, wathi, “Yana ewindini lakho bese ubuka, abeza behla ngomgwaqo.” Futhi nakho kuza lawomaveni amakhulu, nje enqwabelwe egewe. Nabomdabu ababekade bekuleyomibhejana nezinhlaka, ngalokho kusa, wayehamba ngemuva, nezandla zabo ziphakeme, bekhala izinyembezi, becula ngolimi lwabo lomdabu, “Kholwa kuphela. Konke kungenzeka.” Futhi kungasekho-mpi phakathi kwabo, nje umugqa emva komugqa beza behlela lapho. Amatrakhi ehamba kanjalo, nabaphelekezeli abangamaphoyisa, norisho wayejika ndawo zonke, kanjalo. *Kholwa Kuphela*.

⁶⁸ Manje, uma abomdabu boblankethe ongasazi esokudla esandleni sokunxele engemukela lokho, thina ke? Niyabo? Niyazi ukuthi kungani? Abakaze bahlohlwe nganoma yiluphi uhlobo lwemfundiso. Niyabo?

⁶⁹ Sibenabo bonke abantu. UDkt. *S'bani-bani* uthi, “Kungubuhlanya.” Lona omunye uthi, “Kungukufunda umqondo.” Lona uthi, “Akukho lutho kukho.” Lona uthi, “Ngudeveli.” Awazi ukuthi yini ozoyikholwa. Yingalesosizathu kul'ukhuni. Indawo el'ukhuni kunazo zonke ukuba nezinkonzo zokuphilisa ise U.S.A. Kunjalo.

⁷⁰ Lapho, bona laphaya, abazi lutho ngakho. Abakaze bezwe lutho. Uyabatshela. Banjengomntwana nje. Bayakwemukela futhi bakukholwe, basuke bahambe.

⁷¹ INkosi isisize manje. Manje, kanye nje futhi ukuba sikhuleke. Singeke sakhuleka kakhulu impela, yileyonto eyodwa. IBhayibheli lathi, “Ngithanda ukuba amadoda akhuleke ezindaweni zonke, ephakamisa izandla ezingcwele.”

⁷² Semukele, Nkosi, enhlanganyelweni yaKho lapha, njengoba sizinikela thina kuWe, inhlanganyelo yeZwi laKho, ngokuba Wena uyiZwi. Sicela eGameni likaJesu, khuluma ezinhliziyweni. Amen.

⁷³ Sishiye uAbrahama izolo ebusuku e...Siqale naye, futhi ngale esahlukweni 22 sikaGenesisi, lapho ayenikela khona phezulu ngendodana yakhe kuphela, isifanekiso sikaNkulunkulu enikela ngeNdodana yaKhe. Siqale emuva ngaleyonkathi, saqathaka sabuya ukuba simcoshe futhi, impilo yakhe, futhi asikaze sisuke kuyo namanje. Simshiyile, izolo ebusuku, ngale cishe esahlukweni 16 noma 17. Ngiyakholwa, isahluko 15 yilapho esimshiye khona. Futhi sizozama ukukuqeda nya kulobubusuku, ngoba nginomlayezo wokuphilisa ngokukaNkulunkulu nje, iNkosi ithanda, wakusasa ntambama.

⁷⁴ Futhi manje wonke umelusi uyamenywa. Letha ibandla lakho. Woza lapha futhi ume nabo wenzele umkhuleko.

⁷⁵ Manje siyaqonda ukuthi ngezinye izikhathi ukuthi uJesu wenza izinto, futhi Wenza izinto ngezinye izikhathi...Wena uthi, “Kungani Avumele lezizinto pho, Mfowethu Branham na? Kungani Avumele lezizinto ukuba zibe khona na?” Ngezinye izikhathi kwenzelwa ukuvivinya ukukholwa kwakho, izikhathi eziningi. Si...Futhi Wenza izinto ngokuxakile. Yini Angavele nje aphume bese ethi, “Ngiyi *Lokhu*, futhi Ngiyi *Lokho*.” Akakwenzanga lokho endaweni yokuqala. Niyabo, Ukwenzela ukuvivinya ukukholwa kwakho.

⁷⁶ Bukani, abapristi bacabanga ukuthi mhlampe Wayezokwehla futhi akhulume kuKayafase, umpristi omkhulu. Kodwa Wazalwa kanjani na? Emkhombeni. Futhi wenqatshwa ngokoqobo ngabantu baKhe uQobo namahlelo aKubo angalezozinsuku.

⁷⁷ Manje siyathola, ngesinye isikhathi, uJesu ekhuluma. Ngingathanda nje ukubhekisisa isicaphuno esisodwa esincane lapha engingathanda ukusenza. UJesu unesixuku esikhulu esiMzungezile, futhi kwakubukeka sengathi kwakunabaningi kakhulu, ngakho bhekisisani ukuthi Wathini. “Uma ningadli inyama yeNdodana yomuntu, futhi niphuze iGazi laYo, aninakuPhila.” Manje nicabanga ukuthi udokotela wezokwelapha ngemithi, kumbe noma yimuphi umuntu oyisihlakaniphi, wayeyocabangani ngenkathi bezwa ngoMuntu

owayenegama lokuba ngumntwana ozalwe ngaphandle komshado nofana kakhulu nembuka kubantu bangalolosuku, asukume futhi enze i—isicaphuno esinjalo, “Uma ningadli inyama yaMi futhi niphuze iGazi laMi?”

⁷⁸ Ngani, babeyothi, “LowoMuntu uyindlabantu. Ngani, he! ‘Siphuze iGazi loMuntu, futhi sidle inyama yaKhe?’ Ninabandla sukani kuMuntu ohlanya njengalowo.”

⁷⁹ Akazange akuchaze. Akazange akuchaze. Wayengadingi ukuba akuchaze. Kunjalo. Wayefuna ukubona nje ukuthi hlobo luni lokukholwa ababenalo.

⁸⁰ Niyabo, wena, uma ukholwa, kholwa, angikhathali ukuthi noma ubani uthini. Uma ngikhulekele abantu abayizinkulungwane ezinhlanu kulobubusuku, futhi zonke izinkulungwane ezinhlanu zafa kulobubusuku, ekuseni buyiyobe ngilokhu ngisakhulekela abagulayo. Niyabo? Kuyilokho okushiwo uNkulunkulu, ikhona okubalulekile. Akusikho lokho okwenziwa abantu. Niyabo?

⁸¹ Futhi, uNkulunkulu, Wa—Wathi, “Futhi uma ningadli inyama yeNdodana yomuntu; futhi niphuze iGazi laYo, aninakuPhila kini.”

⁸² Awu, he, labobantu, leloqembu eliyizihlakaniphi, ngani, ngani, bathi, “Sukani kulowoMuntu. Uyahlangana. Uyindoda yasendle. Ngani, Uyindlabantu, ‘sidle’ umzimba walowoMuntu.” Manje, Akazange akuchaze.

⁸³ Manje Wayekade enabashumayeli abangamashumi ayisikhombisa abagcotshiwe naYe. Wacabanga ukuthi Wayenesixuku esikhudlwana kakhulu kakhulu lapho, ngakho i—isixuku sahamba sasuka kuYe. Ngakho Wayenabefundisi abagcotshiwe behlezi lapho, ukuthi Wabathuma baphuma, abangamashumi ayisikhombisa abo. Wathi, “Niyothini uma nibona iNdodana yomuntu yenyukela eZulwini lapho Yavela khona na?” Manje, Akazange akuchaze.

⁸⁴ Futhi bona abashumayeli bathi, “Lomuntu enyukela phezulu eZulwini lapho Avela khona na? Ngani, siyaMazi. Siyamazi umama waKhe. Kade sisesitebeleni lapho Azalwa khona. Siwubonile umbhede wengane Athunduzelwa kuwo. Sidoba naYe. Silele phandle lapha ezingwini naYe. NaleNdodana yomuntu ‘yenyukela phezulu lapho Ivela khona?’ Ivela eBetlehem. Kuphi lokhu, ‘ukwenyuka?’ Lokho kukhulu kakhulu kithi.” Futhi bahamba basuka kuYe. Akazange akuchaze. Akazange.

⁸⁵ Wayengadingi ukuchaza lutho. UNkulunkulu akadingekile ukuchaza lutho. UnguNkulunkulu. Uyakwenza nje, ngoba Wakwethembisa. Akakuchazi.

⁸⁶ Khona-ke abayishumi nambili kuphela baKhe wasala. Futhi Waphenduka futhi wababuka, wathi, “Ngikhethe ishumi

nambili lenu, futhi omunye wenu ungudeveli.” Wathi, “Niyafuna ukuhamba, nani na?”

⁸⁷ Khona-ke uPetru washo lawomazwi amakhulu, “Siyakuya kubani, Nkosi na? Ngokuba siqinisekile ukuthi Wena uneZwi lokuPhila.” BabeLibonile liqinisekiswa kakhulu ngokucacile; akunandaba ukuthi abapristi bathini, ukuthi noma ubani wathini. Bazi khona lapho, lokho, ukuthi WayeneZwi lokuPhila. Wathi, “UneZwi lokuPhila.”

⁸⁸ Futhi manje siyaqaphela, akunandaba ukuthi abanye benzeni, ukuthi basuka kanjani bahamba, labo bafundi babemiselwe ngaphambili, babemiselwe ukuPhila okuPhakade. Qhabo, babengenakuLichaza, babengenakuLichaza kanjalo nabobonke abanye babengelichaze. Kodwa kwakukhona into ethize phakathi kubo, lokho—lokho kumelwa eZulwini. Umcabango uNkulunkulu ayenawo ngabo ngaphambi kokusekelwa kwezwe, wawuzibonakalisile lapha, futhi babexhumene noNkulunkulu futhi wayeqinisekisiwe ukuthi lesi kwakuyisithembiso sikaNkulunkulu esiqinisekisiwe, futhi akukho lutho oluzosishintsha kubo. Lobo ngobangempela, ubuKristu bangoqobo.

⁸⁹ Namuhla, abantu bathi abafane njengoba babenjalo ngezinsuku ngenkathi abafundi wayephandle olwandlekazi. Futhi ngobunye ubusuku kwaqubuka isiphepho, futhi kwakungekho lutho; onke amathemba lase lingasekho, ukuthi babeyoke basindiswe. Futhi baMbona eza, ehamba phezu kwa—kwa—kwamanzi. Manje umkhumbi wabo wawusugcwele amanzi, noseyili wahlakazeka, nezigwedlo singasekho, futhi babebambene, bedazuluka. Futhi babuka phandle lapho futhi baMbona eza, ehamba phezu kwamanzi, futhi wayeMesaba. Ithemba labo kuphela, futhi babesaba into kuphela eyayingabasindisa. Uma lesi kungesiso isithombe seqiniso namhlanje, futhi! Ba—bacabanga ukuthi kwakubukeka njengesipokwe. Niyazi, bathi bamemeza, ngokwesaba, “Yithongo!” Kwakubukeka kakhulu njengokwethongo. Lokho kuyinto efanayo okuyiyo namhlanje.

⁹⁰ Kodwa uma nje nizokwenza njengoba benza ngenkathi bememeza; balizwa lelophimbo liza, “Ningesabi. YiMina. Ningesabi. Yimani isibindi.”

⁹¹ Futhi uma nje nizobhekisisa iZwi lesithembiso salolusuku, nizozwa lelophimbo elifanayo likhuluma ngeZwi, “YiMi. Ngethembisa ukwenza lokhu ngezinsuku zokugcina. Ningesabi. Ningesatshiswa. Bekani ithemba lenu kiMi, iNdodana kaNkulunkulu,” ukuthi InguBani. Kukholweni manje.

⁹² Sishiye uAbrahama eBukhoneni bukaElohim, izolo ebusuku, lapho e...simehlise ngezithembiso. Futhi manje isithembiso sokugcina ngaphambi kokufika kwendodana, sithola ukuthi iNdoda yenyuka; igqoke njengendoda, idla

njengendoda, yakhuluma njengendoda; noAbrahama waYibuka futhi wakhulumisana naYo njengoElohim, “Elohim.” Amabili ayehlele eSodoma, ukuyoshumayela ezansi lapho. Futhi sifanisa leso simo namuhla. Nonke niyayikhumbula indaba lapho esiyishiye khona. Nje ngokuphelele into efanayo njengoba uJesu wabikezela ukuthi kuyobanjalo, ukuthi, “njengoba kwenzeka emihleni yaseSodoma,” into efanayo imi endaweni eyiyonayona efanayo kulobubusuku. Futhi uma . . .

⁹³ Namuhla bengihlezi lapho, futhi bengimangala, futhi ngimangale ngakho konke ngalokhu. Bezwa okunye ukuzamazama komhlaba kwenzeka ezansi lapho, futhi bathi, “Kuzamazamisa amazwe futhi.” Ngase ngicabanga, yini le? Niyazi, kwenziwa ngolwesiHlanu lukaGudi. Niyazi, eminyakeni engamakhulu ayishumi nesishiyagalolunye edlule, ngolwesiHlanu lukaGudi, ibandla lenqaba uJesu Kristu, nokuzamazama komhlaba kwamazamazamisa umhlaba wonke jikelele. Futhi baMenqabile futhi, oNyakeni waseLawodikeya, njengoba iBhayibheli lathi babezokwenza, baMbeka ngaphandle.

⁹⁴ Nalomnyakazo wenkolo yobukristu woMkhandlu wamaBandla uyilokho impela abakwenzayo. Balahlekelwa yilungelo lazozonke izimfundiso zabo zevangeli nezinto. “Kungahamba kanjani ababili bengavumelananga na?” Awu, ungeke wakwenza.

⁹⁵ Lokho ngeke kwasebenza ngawangempela, amaKristu oqobo. Awasoze akwemukela. Qhabo, mnumzane. UmKristu ozelwe ngokusha akasozе angena ogibeni olunjalo. Kufana nje nokufaka idada e—esibiyelweni. Ayazi liqonde ekuhlathshweni. Awusole waliqhubela kulokho. Ngakho thina . . . UmKristu ozelwe ngokusha ngempela uyodeda kulokho.

⁹⁶ Manje uAbrahama wayemi lapho futhi ekhuluma eNdodeni Eyayifulathele ithende lapho uSara ayekhona. Futhi elika Abrama . . . igama lika Abrahama, usuku noma ezimbili ngaphambi kwalokho, wayenguAbrama; noSarayi, futhi manje usenguSara, kuya kuAbrahama. Futhi Wakhulumisana noAbrahama ngelakhe lobubaba, igama lobupristi. “Abrahama, uphi uSara (*inkosazana*) umkakho na?”

Wathi, “Usethendeni, emva kwaKho.”

⁹⁷ Wathi, “Ngizokuvakashela ngokwesithembiso, isikhathi sokuphila,” ngamany’amazwi, “enye inyanga. Futhi ngizokuvakashela njengoba Ngithembisile.”

⁹⁸ Wayekade eselinde iminyaka engamashumi amabili-nanhlanu manje ngalomntwana othenjisiwe; engangabazi ngokungakholwa iZwi likaNkulunkuku, kodwa wayenamandla, enika uNkulunkulu udumo. Bhekisisani lokhu manje.

⁹⁹ Kwase kuthi-ke uSara, ngaphakathi kwethende, ukuba besingakubeka ngesisho sasemgwaqeni, wathi ukuhlelela

emkhonweni wakhe, wathi, “Mina, isalukazi, iminyaka engamashumi ayisishiyagalolunye ubudala, futhi ngibe—ngibe nenjabulo nenkosi yami, umyeni wami, yena phandle lapho iminyaka eyikhulu ubudala na?” Sekwanqamuka ukuba njengendoda nomfazi; eminingi, iminyaka eminingi.

¹⁰⁰ Ne—neNdoda, Ifulathele ithende, yathi, “Ukubuzeleni uSara lokho, esho enhliziyweni yakhe lezizinto na?” Niyabo? Futhi ngaleyondlela uAbrahama waqonda ukuthi Ubani owayekhuluma kuye. Lowo kwakunguElohim, impela. Isibonakaliso saYo sakufakazisa ukusho kwaYo. Yathi, “Ngizokuvakashela.” Yasholoni ukuthi, “Ngi?” Yambiza kanjani ngokuthi Abrahama na? Kanti, kwakuYiYo emnika igama. Ngesifanekiso, hhayi ebukhoneni bomuntu; kukhombisa ncamashi okwakuzokwenzeka. Imnika igunya laYo eliqinisekisiwe neZwi elithenjisiwe, ukuthi leNdoda eyayikhuluma kuye yayinguNkulunkulu, uElohim.

¹⁰¹ Manje siyathola, kumaHeberu isahluko 4 nevesi 12, njengoba ngikucaphune kabili, vele, ubusuku obuthi abube bubili obedlule, ukuthi, iBhayibheli lathi, “IZwi likaNkulunkulu lahlulela imicabango osenhliziyweni, izimfihlo zenhliziywo.”

¹⁰² Futhi ngenkathi uJesu wayengabuka phezu kwebandla bese ehlulela imicabango yabo, futhi watshela owesifazane ukuthi wayenamadoda amangaki, watshela uNatanayeli lapho ayekhona, lokho kwakungukuqinisekisa ukuthi WayeyilowoMesiya, uNkulunkulu, uEmanuweli, ngoba WayeyiZwi.

¹⁰³ Yileyondlela abaprofethi ababeyiyo. Abaprofethi babethathwa ngokuthi bangonkulunkulu. Niyakuqonda lokho. UJesu washo njalo, Yena uqobo. Wathi, “NingaNgilahla kanjani na? Uma, nibiza labo iZwi likaNkulunkulu eliza kubo, nibabiza ngo ‘nkulunkulu’. Futhi niNgilahla kanjani, uma Ngithi, ‘NgiyiNdodana kaNkulunkulu?’ Futhi uma Ngingenzi imisebenzi kaBaba waMi, khona-ke ningakukholwa.”

¹⁰⁴ WayeyiZwi likaNkulunkulu eliqinisekisiwe lalowonyaka. Manje ukuba Wayeze nesibonakaliso sikaMose, kwakungeke kusebenze. Ukuba uMose wayeze nesibonakaliso sikaNowa, kwakungaprofethwanga lokho kwalolosuku.

¹⁰⁵ Futhi bonke lababefundisi bezenkolo, namasayense ezenkolo, nezikole eziphakame, nezikole, nabefundisi abafundile; okungohle, asinalutho oluphambene nakho, kodwa lowo akusiwo uMlayezo wehora. Lokho kwakungokwalolo suku oluhwaqabele.

¹⁰⁶ “Kuyoba ngukuKhanya ngesikhathi sokuhlwa.” Wethembisa lezizinto. Ngikufunde ngakuphindaphinda, eZwini. Impela njengoba kwakunjalo ngaleyonkathi, Wathi kuyobanjalo futhi. Ngingakubophela ngawo wonke umBhalo eBhayibhelini, futhi nginikhombise ukuthi yiQiniso.

107 Manje, ukuzisho kwaKhe lapho kwaqinisekiswa ngenkathi Esho ukuthi ubani, uSara, akwenza emva kwaKhe. Manje qaphelani, Wathembisa, ngenyanga ezayo uzokhulelwa, “ngokwesikhathi sokuphila,” Washo.

108 Manje qaphelani, indlela yezinyawo ka Abrahamama yayingumfanekiso weNzalo yobukhosi manje. Uma niqaphela, uAbrahamama, isithembiso sasingesakhe nesabantwana bakhe emva kwakhe. Futhi khona-ke abantwana bakhe waye, kuqala, yenzalo yemvelo, bese kuba-ke iNzalo yobukhosi okwakunguKristu. Imbewu yokuqala, eyayingokocansi, kufika uIsaka; kodwa ngaphandle kocansi, kufika uJesu, iNzalo yobuKhosi.

109 Manje ukuthi, iGazi, niyabo, sisindiswa ngeGazi. “Futhi ngaphandle kokuchitheka kwegazi, akukho kuthethelelwa.”

110 Qaphelani, uJesu wayengesilo iJuda. UJesu wayengesuye oweziZwe. UJesu wayenguNkulunkulu. Wayengesuye, Wayengeke abe yiJuda noma oweziZwe. Bukani, ubulili bowesilisa buveza umbala obomvu, okuyinhlayiya yegazi. Imbewana isenhlayiyeni yegazi.

111 Ngiyanizwa bantu lapha, iningi lenu... Ngangigibele ngizungeza ngelinye ilanga, ngibhekisisa abalimi benu—benu, futhi ninezinkukhu. Manje, isikhukhukazi singazalela iqanda, umama-nyoni omdala angazalela iqanda; kodwa uma ekade engenaye lowomata, akasoze achamsela. Nokho, angalizalela iqanda, ngokuba iqanda lise—lise... ngeyesifazane. Kodwa, igazi, futhi ukuphila kusegazini.

112 Ngakho, ngakho-ke, ukuphila kwaKhe kwakuwukuphila okudaliwe, hhayi okwamila kuvela komunye umuntu.

113 Futhi khona-ke iqanda kwakungesuye uMariya, ngoba uma iqanda kwakunguMariya... Njengoba amaProtestane amaningi impela ekholwa, neKatolika, futhi, ukuthi iqanda kwakunguMariya, manje i... kwakuyiqanda likaMariya, kuMenza umuntu. Qhabo, uma inhlayiya yegazi kwakunguNkulunkulu, kanjalo iqanda kwakunguNkulunkulu, ngoba uMariya wayengelikhiphe lelo qanda phansi... Niyazi, niaqonda ukuthi ngikhuluma ngani. Wa... Wayengekwenze lokho ngaphandle kokuvuka kwemizwa. Ngakho, ngo—ngokuvuka kwemizwa, wenza uNkulunkulu enzani-ke na? Kube ucansi futhi. Niyabo?

114 Ngakho kokubili iqanda nenhlayiya yegazi kwakunguNkulunkulu. Amen. Lokho yi... Kholwani lokho, futhi nizoba nokukholwa ukuhamba niye phambili. Asisindiswa ngegazi leJuda, noma ngegazi loweziZwe. Sisindiswa ngeGazi likaNkulunkulu, Yena uqobo, inhlayiya yeGazi edaliwe.

115 Njengoba ngishilo, thathani labomama abadala bezinyoni. Sekuza isikhathi sentwasanhlobo. Ngangiqaphela ngelinye ilanga, ukuthi babuthatha kanjani utshani obomile futhi

benyuke futhi benza izidleke zabo. Manje angenyukela lapho futhi enze isidleke, futhi abeke isidleke esigcwele amaqanda; futhi ahlale phezu kwawo, futhi awazalele, futhi athembeke kakhulu kuwo amaqanda aze u—uyoba ngohluphekile kakhulu angekwazi ukundiza aphume esidlekeni, ukuba azitholele angakudla. Kodwa uma ubengenayo inyoni yesilisa, awasoze achamusela. Awachamuseleki. Niyakwazi lokho. Ayohlala esidlekeni, futhi abole.

¹¹⁶ Naleyo yindlela yamanye amabandla ethu. Nje sinesidleke esigcwele amaqanda abolile. Abanalo ukholo luka Abrahama. Yisikhathi sokuhlaza isidleke futhi siqale emuva, singene ekuxhumaneni; hhayi nenhlangano ethize, elinye ikholiji lesayense yezenkolo. Kodwa ngena ekuxhumaneni nomata, uKristu Jesu, Oletha imvundo eMoyeni wokuPhila okuwe. NguYe okwenza uKukholwe. Hlanza isidleke futhi uphinde uqale futhi. Ubambambatha emhlane futhi ubangenise, futhi ubenze abadikoni, futhi beshade kane noma kahlanu, nayo yonke into. Izwe elinjani esiza kulo, empeleni na? Nibathumela ekholiji futhi nijovele okunye kwaloloketshezi lokugqumisa isidumbu kubo, futhi nibabuyise.

¹¹⁷ Futhi lapha ngelinye ilanga, ekulinganiseni, kwakhombisa ukuthi amaphesente angamashumi ayisishiyagalolunye-nesishiyagalolunye abashumayeli bamaProtestane esizweni sonke, awakholelwa ekuFikeni kwesiBili kwangempela kukaKristu. Amaphesente angamashumi ayisishiyagalombili-nesikhombisa aphika ukuzala kwentombi. Cabangani ngalokho. Abantwana bethu bayobhekana nani ngaleya na?

¹¹⁸ Nkulunkulu, sibuyisele emuva ekuKholweni futhi okwanikezwa abangcwele kanye.

¹¹⁹ UAbrahama, bhekisisani indlela yezinyawo yakhe lapho enyuka, wafanekisana impela nebandla. Konke uAbrahama akwenzayo, ku...Silibhekisisile ibandla. Ukuba besineviki noma amabili lapha, ukuba sibe lapha, benginganikhombisa, isinyathelo ngesinyathelo. Ibandla lenze indlela yezinyawo efanayo. Isibonakaliso sokugcina kwakunguNkulunkulu, iZwi elithenjisiwe likhuluma kuye, lisenyamani yomuntu. Isithembiso sokugcina ngaphambi kokuba izwe labaziZwe libhujiswe, okwakuyiSodoma neGomora. Manje cabangani, uAbrahama, ngaphambili, wayene...UNkulunkulu wayebonakale kuye ngezifanekiselo eziningi, nezinkanyiso, nezimo, nezibonakaliso, kodwa uNkulunkulu wayengakaze eze kuye njengesidalwa esingumuntu futhi wakhuluma ngephimbo elizwakayo, njengesidalwa esingumuntu, kuphuma esidalweni esingumuntu. Futhi, khumbulani, isithembiso manje sasilungele nje ukugcwaliseka, iSodoma lizoshiswa, umlayezo wokugcina uyasebenza.

¹²⁰ Futhi nakho kuhamba ibandla elijwayelekile, ibandla ngegama, njalo. Lapho, nakho kuhamba uBilly Graham wesimodeni ezansi phakathi lapho, ukubadluthula baphume.

¹²¹ Nanto iBandla eliKhethiwe, elingekho eSodoma; elibizelwe ngaphandle, elehlukanisiwe. Bathola isithunywa. Qaphelani, iqembu lika Abrahama lathola uMlayezo. Futhi manje wawuyini na? UNkulunkulu, owayekade ekhuluma kuye sonke isikhathi, ngezifanekiso nezimo, nayo yonke into, uyenyuka ngqo. Futhi manje Uyazibonakalisa qobo lwaKhe khona lapha enyameni yomuntu, futhi wehlulela imicabango osenhliziyweni kaSara, yoma kwaKhe. NoAbrahama wathi, “Ngu Elohim, OWenele Konke.” Khumbulani, masinyane emva kwalokho, iSodoma lashiswa. Kucabangeni.

¹²² Ibandla lingahle ukuba lithola isibonakaliso salo sokugcina. Niyabo, sine... Umemezile, nibenakho ukulungisiswa ngoLuther; ukungcweliswa ngoWesley, isikhathi esikhulu, ukumemeza, ukujabula; ukukhuluma ngezilimi, ukuhumusha izilimi, ukuphilisa ngokukaNkulunkulu. Kodwa sikuphi manje na? UNkulunkulu ekhuluma phakathi kwethu ngqo, ngathi, ngokuzwakalayo, njengoba nje Enza lapho. Futhi Wethembisa ukukwenza. Yileyonto. Akusiyo into esiyenzile. IBhayibheli lasho njalo. UJesu wathi Uyokwenza, azenze Yena uqobo futhi.

¹²³ Qaphelani, futhi masinya emva kwalokhu, uAbrahama wancengela uLoti. Futhi Wathi uma Engathola ngisho abantu abayishumi, Uyoliyeka. Kodwa Wayengenakukuthola ngisho nalokho, izithunywa ezansi lapho. Bazenqaba izithunywa.

¹²⁴ Njengokudla kwasekuseni kukaBilly Graham, ngenkathi esedolobheni lakithi, eLouisville, eKentucky. Ngangisekudleni kwakhe kwasekuseni. Wathi, “Ngiya edolobheni,” wathi, “Ngi...” Waphakamisela iBhayibheli phezulu. Uyikholwa elikhulu eBhayibhelini. Wathi, “Ngiya edolobheni futhi ngino—nomkhankaso, nginabaphendukile abayizinkulungwane ezingamashumi amathathu, noma izinqumo.” Wathi, “Futhi ngiyobuyela emuva, izinyanga eziyisithupha kusukela lapho, angibatholi abangamashumi amathathu.” Futhi wathi, “UPawulu waya edolobheni futhi wenza oyedwa ophendukile, futhi ngenkathi ebuva, unyaka kamuva, lowo ophendukile wayesenze abaphendukile, abaphendukile bephindwe ngabaphendukile, waze waba namakhulu abaphendukile ngalowo oyedwa.” Wathi, “Manje yini indaba na?” Wathi, “Nina sigejane sabashumayeli abavilaphayo.” Wathi, “Nihlala ngezinyawo zenu phezu kwedeski, futhi ningaphumi futhi nivakashele labobantu.”

¹²⁵ Manje ngingubani mina, umuntu ongakwazi ukufunda nokubhala njengami, ukuphikisa umvangeli omkhulu na? Kodwa ngangingathanda ukuba ngangisho izwi elilodwa kuye. “Billy, yimuphi umshumayeli owathatha ophendukile kaPawulu.” Niyabo?

126 Kwakungenxa yokuthi uPawulu wamthatha wamjulisa ngokwenele, ukuthi Kristu ungena kuye futhi wayenguMlilo ophilayo, kwehle njalo kuya eBukhloneni obuphilayo. Hhayi ukuhamba okuthize kwesihlakaniphi, noma omunye umjoyini, noma athole inothi elinye elisayiniwe, noma athembise ukuthi uzoza esontweni. Mthathe umqhubele embhaphathizweni kaMoya oNgcwele, futhi khona-ke uzo—uzoba seMlilweni, uyozala abantwana. Ungakwenza kanjani kanti uyinyumba na? Angeke abe nabantwana ngaphandle uma enokuPhila qobo lwakhe. Futhi yileyondlela kuphela ukuthi noma yini engaphinde izimemezele yona uqobo, ingembewana. Futhi imbewana nguMoya oNgcwele owawukuKristu, ukokholwayo.

127 Manje siyaqaphela, isibonakaliso sokugcina sikaNkulunkulu kuAbrahama, ngokwangempela, kwakunguNkulunkulu, iZwi. Khumbulani, uNkulunkulu iZwi elithenjisiwe ayekade ethenjisiwe lona isikhathi eside, lakhuluma kuye lisenyamani yomuntu. INdoda imi lapho, ikhuluma kuye, yahlulela imicabango owawusenhliziyweni kaSara; naye, engemuva emva kwaYo, ethendeni. Leso kwakuyisibonakaliso sokugcina. Qaphelani manje. Yayike yabonakala kuye ngaphambili, ngezifanekiso eziningi, nokunye nokunye, njengezinkanyiso nje, no—nomlilo, nokunye nokunye, kwabonakala kuye, kodwa manje qaphelani. Futhi masinyane. . .

128 Ngifuna niqaphele ukuthi kwenzekani kwizithandani ezindala. Manje ngethemba aningibali njengesidlamlilo. Futhi—futhi uma ningakukholwa lokhu, kuyekeni nje, nje, niyabo. Kodwa nje ngifuna ukunitshela engicabanga ukuthi kwenzeka.

129 Niqaphelile manje, uSara uzobanayo kanjani lengane na? Manje uneminyaka eyikhulu ubudala. Manje omunye umuntu uthi, “Awu, kwakwehlukile ngaleyonkathi.” IBhayibheli lathi isizalo sakhe sasesifile, neBhayibheli lathi bobabili base begugile.

130 Kodwa Wenza kuSara noAbrahama, eza ngalendlela, njengoba nje Ethembisa ukukwenza eNzalweni yabo. Futhi Ukwenzile! Ngingakufakazisa lokho, zona nje impela izinyathelo uAbrahama azithatha. Manje bukani ukuthi ukuphi lapha manje ngenkathi loNkulunkulu efika futhi wakhuluma kuye, esenyameni yomuntu, wazenza waziwa Yena uqobo kuye. Masinyane manje. . .

131 USara uzoba nayo kanjani lengane na? Manje uAbrahama wayehlale naye, futhi mhlampe waye. . . Kwathi, “Umzimba wakhe wawusufana nofile.” IBhayibheli lathi wawunjalo. “Umzimba wakhe ufile manje. Isizalo sikaSara sifile. Kodwa akangabazanga. Nokho, wakukholwa.” Manje bukani, uma uSara. . .

¹³² Ngisesixukwini esixubile, futhi ngithetheleleni, bodade. Futhi beniyomlalela udokotela wenu; nami ngingumfowenu. Kodwa manje qaphelani. USara, eneminyaka engamashumi ayisishiyagalolunye ubudala, usemdala kakhulu ukuba angaya ezinhlungwini zokuzala. Leyonhliziyo yayingeke ikumele. Niyakwazi lokho. Futhi enye into, imithambo yakhe yobisi wase wome nkwe. Babengenazo ezempilo namabhodlela ahlanzwe amagciwane ngalezozinsuku. Niyabo, wayefanele abe ngumama oncelisayo. Qaphelani. Ngakho Uzokwenza kanjani na? Uzoba nayo kanjani lengane na? Isizalo sakhe sifile. Ufile emzimbeni wakhe, qobo lwakhe, noAbrahama ufile.

¹³³ Niyazi ukuthi Wenzeni na? Wabaguqula. Wabaphendula babuyela ekubeni ngowesilisa omusha nowesifazane omusha. Ngingakufakazisa lokho. Wabenza owesilisa omusha nowesifazane omusha, wabaphendula babuyela ekubeni basha futhi. O, isithembiso esimangalisa kangaka pho!

Wena uthi, “O, Mfowethu Branham!”

¹³⁴ Awu, lindani nje umzuzu nje. Ninga. . . Bamblelani nje. Lokhu kungahle kulimaze kancanyana, kgcina umthetho, kodwa ngi—ngifuna nikubone lokhu manje okomzuzu nje. Manje sifundisa nje njengesifundo sikaSonto sikole ngalokhu. Wabaphendula babuyela ekubeni ngowesilisa omusha nowesifazane futhi, cishe iminyaka engamashumi amabili ubudala.

¹³⁵ UAbrahama, manje bukani, usemdala. Ubuhwanqa bakhe bulengela le phansi. Umzimba wakhe usufana nofile. Ezakhe ezincane, izingalo ezindala ezintecentece. USara, itshali elincane phezu kwehlombe lakhe nekepisi elincanyana, uogo omncane ohamba exhuga ngobhoko.

¹³⁶ Sengiyabona ngokusa okulandelayo. Ngani, uAbrahama nesifumbu esikhulu emhlane wakhe, izinwele ezimhlophe zilengela phansi. NoSara wathi, “Abrahama, s’thandwa, ngani, intshebe yakho—yakho isiphenduke yamnyama.” “Ngani, Sara, lawomehlo amahle likhanya nje njengoba ayehlala njalo enza. Izihlathi zakho sinombala obomvana kuzo.” Ngaphambi kokuba ilanga lishone ngobusuku obulandelayo, wayesebuyele ekubeni ngowesifazane omusha, naye wayesebe ngowesilisa omusha.

Wena uthi, “Umbhedo, Mfowethu Branham!”

¹³⁷ O, yebo, kwakunjalo, futhi. Niyabona manje isithembiso esimangalisayo nesifanekiso seNzalo yobukhosi ka Abrahama, masinya iza. Khumbulani, ngabe yisithembiso na? Yebo, siyoguqulwa. Baguqulwa babuyela ekubeni ngowesilisa omusha nowesifazane, kukhombisa nje impela ukuthi yini iBandla, iNzalo yobukhosi, ezokwenziwa khona.

Wena uthi, “Ngabe leso yisithembiso na?”

138 KwabaseThesalonika bokuQala 4:17, “Icilongo likaNkulunkulu liyakukhala, futhi siyakuguqulwa ngesikhashanyana, ngokuphazima kweso, sihlwithwe kanye kanye.” Ngani na? Umzimba wakhe, imizimba yabo, yadingeka iguqulwe ukuba yemukele indodana. Neyethu efayo, imizimba emibi kakhulu iyodingeka iguqulwe, ukuba yemukele iNdodana, ngoba siyohlwithwa. Siyodingeka sibe ngumzimba ohlukile kulo, ngokuba siyohlwithelwa emoyeni, ukuba siMhlangabeze. Amen. Aku phik-...Kukahle nje ngemiBhalo, niyabo. Baguqulwa. Uma sike size sihlangabezane neNkosi emoyeni, singeke sahlangabezana naYo ngaloluhlobo lomzimba, ngoba siboshwe ngumhlaba. Kodwa sizowemukela owodwa, haleluya, oyokwenyukela oHlwithweni.

139 Nengxenyehle yakho, ngukuthi sekuseduze ngokusondele kakhulu. Sibona zonke izibonakaliso zimiswe kahle. Ngeke kusaba yisikhathi eside manje, ngokunye kwalokhu ukusa kuyobakhona uguquko. Niyabo?

140 Kodwa, khumbulani, kuyofika kuphela kuleyoNzalo yobukhosi yodwa. Ukufika kukaJesu kuyoba yimfihlo kakhulu, bonke abanye babantu abayikwazi lutho ngakho. Niyazi, mhlawumbe abayikuba baningi kakhulu. “Njengoba kwenzeka emihleni kaNowa, lapho imiphefumulo eyisishiyagalombili yasindiswa ngawo amanzi, kuyakuba njalo ekufikeni kweNdodana yomuntu.” “Isango lincane nendlela iyingcingo, kepha bayingcosana abayakuyifumana.” Nithi kuyoba nezigidi lapho; ya, yonke iminyaka, abahlengiwe, impela. Kodwa, beyondawo yokuHlwithwa, lapho esimi khona manje!

141 Yini ezokwenzeka ngolunye lwalezizinsuku na? Bazothi, “Manje, niyazi, nakhu sesiwelele esikhathini sokuHlupheka. Ngangicabanga ukuthi iBandla lalizohlwithelwa phezulu ngaphambi kwesikhathi sokuHlupheka.” Lelo yiQiniso. Hhayi ibandla; uMlobokazi. Ibandla ledlula kuso isikhathi sokuHlupheka, kodwa hhayi uMlobokazi. Qhabo, mnumzane. Uhlengiwe. Akanalutho lokuhlanjululwa ngalo. Usevele umsulwa. UMoya oNgcwele ungene kuYe futhi waMhlambulula, futhi wasusa onke amanyala namanaphanapha ezwe, futhi Uyalikholwa leloZwi futhi uba yingxenyehle yaLo. Kunjalo. Ngaphandle kukaMoya oNgcwele, alukho olwenzayo. NguMlobokazi uphuma ebandleni. Futhi lapho, lona, elibizwa nge “nsali yenzalo yowesifazane,” lishiyelwa ukuba liyokwedlula khona esikhathini sokuHlupheka.

142 Niyazi, ngesinye isikhathi emva kokuba yonke imiBhalo, uIsaya, uMalaki 3, noIsaya 40, eprofetha ngokufika kukaJohane umBhaphathizi. UJohane wafika nje impela esemgqeni naleyomiBhalo. Futhi ngisho nabafundi beza kuJesu base bethi, “Basholoni abaBhali, imiBhalo, ukuthi uEliyase umelwe ukufika kuqala na?”

143 Wathi, “Usefikile vele, futhi anikwazanga. Usefikile, futhi benza kuye nje impela lokho okwakufanele ukwenza, futhi anikwazanga.”

144 Manje, lokho kungahle kube ngolunye lwalezizinsuku, beningahle nithi, “Kuthiwani-ke ngoHlwitho na?”

145 “Seluvele lwedlule, futhi anilwazanga.” “Bayoba babili embhedeni; omunye uyothathwa, omunye ashiywe.” Niyazi, kukhona cishe abantu abangamakhulu amaningana abanyamalalayo emhlabeni, nsuku zonke, empeleni, niyazi. Abakwazi ukukubona.

146 Futhi nje cabangani ngakho, ukudabuka, ukuthi abantu bayoqhubeka ngqo beshumayela, futhi bekhulwa ukuthi bayasindiswa.

147 NoNowa wangena emkhunjini, nomnyango wavaleka emva kwakhe, ngesandla sikaNkulunkulu. Ilanga liyaphuma, lase lishona, izinsuku eziyisikhombisa ngaphambi kokuba kwenzeke noma yini. Nabantu baqhubeka ngqo beshumayela, beqhubeka ngqo behlekisa, nayo yonke enye into, bengazi ukuthi isihawu sabo kuphela abake babanaso sasesivalwe ngci kubo.

148 Cabangani, abefundisi bayobe besalokhu befundisa abashumayeli imfundo futhi bebamisa, nezinto ezinjengalokho iqhubeka, ibandla nje liqhubeka; futhi ngokuphelele lingenasihawu, lingenalutho, selinqunywe ngokuphelele; uHlwitho alusekho. “Ongcolile makazingcolise njalo,” umBhalo usho lokho. “Seluvele lufikile futhi anilwazanga.” Cabangani ngalokho, kulobubusuku, bangani, futhi nibhekisise ukuthi yini eyenzekayo.

149 Akukho lutho ezweni olunganiduduza manje kodwa iZwi likaNkulunkulu. Niyabo? Awekho amanye amathemba; isizwe sakini, akukho ndawo enye.

150 Sidliwe yizibungu kuze kuyofika emnyombweni. Niyakwazi lokho. Ubukhomanisi buyidle njengezibungu into. Bufanele. . . Buzofanele bube ngaleyondlela. Anizukubumisa. IBhayibheli lathi babuzoba ngaleyondlela, ngakho nje anizukubumisa. Yilokho kuphela.

Lungelani uHlwitho. Yileyonto kuphela yokuba niyenze.

151 KwabaseThesalonika, kwa—kwabaseThesalonika bokuQala 4:17 basho ukuthi, “Siyakuguqulwa,” njengoAbrahama waguqulwa, “futhi sihlwithwe,” umzimba ohlukile. Manje, uAbrahama, imizimba yabo emidala yadingeka iguqulwe. Kanjalo neyethu iyodingeka iguqulwe, ukugcwalisa isithembiso. Siyodingeka siguqulwe. Manje, wena uthi, lemizimba emidala. Ngifuna uku. . .

152 Ngangikhuluma eKiwanis, lapha ngesinye isikhathi esedlule. No—nodokotela waphuma, kamuva, wayesethi, “Mnu. Branham,” wathi, “Ngiyayithokozela ingxoxo yakho, kodwa,”

wathi, “uyazi, ngeke ngakukholwa lokho—lokho—lokho, noma yini, ngaphandle uma ingafakaziswa ngokwesayense, mayelana nalokho kuzala kwentombi nezinto ezinjalo, nangokuba nguNkulunkulu.”

¹⁵³ Ngathi, “Awu, awusoze waMkholwa, ngoba ungeke wamfakazisa ngokwesayense uNkulunkulu. Ufanele uMkholwe ngokukholwa, ngokukholwa.”

Wathi, “Awu, angikholwa noma yini engekho ngokwesayense.”

Ngathi, “Ngabe uyindoda eganiwe na?”

Wathi, “Yebo, mnumzane.”

Ngathi, “Uyamthanda umkakho na?”

Wathi, “Impela ngiyamthanda.”

¹⁵⁴ Ngathi, “Ngokwesayense ngikhombise ukuthi uthando luyini-ke. Ngifuna ukuluthenga, uma ungangitshela ukuthi yiyiphi ikhemisi eluthengisayo. Ngiludinga ngempela.” Ngathi, “Ngi. . .” Niyabo, into elula nje.

¹⁵⁵ Ngathi, “Ngizokubuza umbuzo. Manje, lapha, ngabe senziwe ngothuli lomhlabathi na?”

Wathi, “Yebo, mnumzane.”

¹⁵⁶ Ngathi, “Semukela lolothuli ngokudla ukudla okuvela emhlabathini, futhi kungukuphila kwezitshalo, kanjalonjalo.”

¹⁵⁷ Niyabo, ningaphila kuphela ngento efile. Niyabo? Uma niphila, kufanele kubekhona okufayo ukuze niphile, ngokomzimba. Uma nidla amazambane, lafa. Uma nidla inyama yenkomo, inkomazi yafa. Uma nidla inyama yengulube, ingulube yafa. Uma nidla uhlaza, lwafa. Yisimo sokuphila. Futhi niphila kuphela, ngokwemvelo, nge—ngento yento ethize efile. Into efile! Manje akumi yini kuphela ngokuzindla, mngani, ukuthi ungaphila kuphela Phakade ngento yento ethize eyafela wena na? UKristu wafa, ya, wavuka futhi, ukuqinisekisa ubuNkulunkulu baKhe. Qaphelani manje.

¹⁵⁸ Ngathi, “Dokotela, uma ngidla ukudla-ke, ngaso sonke isikhathi engidla ngaso ukudla, kungena emzimbeni wami futhi kwenza izinhlayiya zegazi.”

Wathi, “Kunjalo.”

“Manje-ke ngaso sonke isikhathi engidla ngaso, ngihlumelisa impilo yami.”

Wathi, “Lokho kungokuyikho, izinhlayiya zegazi ezintsha.”

¹⁵⁹ Ngathi, “Ngifuna ukukubuza okuthize-ke. Ngenkathi ngineminyaka eyishumi nesithupha ubudala, ngangidla ummbila nobhontshisi namazambane nenyama, njengoba ngenza nje manje. Futhi ngaso sonke isikhathi uma ngidla, ngiya ngokubamkhulu futhi ngiye ngokuqina. Kwase kuthi-ke

ngenkathi sengithi angibe neminyaka engamashumi amabili-nambili ubudala, sonke isidalwa esingumuntu, akunandaba ukuthi udla kakhulu kangakanani, ukuthi udla kahle kanjani, uya ngokuguga nokuya ngokuba buthakathaka. Manje uma ngithela amanzi aphuma kulenkomishi, ngiwafake kule, bese ngiyithela igcwale uhhafu; bese kuthi-ke nje ngiqhubeka nokuthela, emva kokuba isigcwale uhhafu; futhi esikhundleni sokukhuphuka, ayehla. Ngokwesayense ngifakazisele ukuthi lokho kwenzeka kanjani. Uyabo? Kwenzeka kanjani ukuthi ngidla ukudla okufanayo, ngihlumelelisa impilo yami nsuku zonke, ngokwe. . . Kufakazeleke, ngokwesayense kufakazeleka ukuthi ngihlumelelisa impilo yami uma ngifaka izinhlayiya zegazi ezintsha, uhlobo olufanayo lwegazi engaluthatha ngenkathi ngiseneshumi nesithupha leminyaka ubudala. Kodwa kungani, emva kokuba cishe senginamashumi amabili nento, manje-ke akusayi ngokuthi ngidla kakhulu kangakanani, ngiyehla, ngiya ngokuguga ngokuguga ngokuguga, futhi ngidonsela phansi ngqo ngaso sonke isikhathi na? Esikhundleni sokungigewalisa phama, njengoba kwenza ngaleyonkathi, manje kuyangehlisa.” Kuyisikhathi esinqunyelwe. Kuyilokho-ke.

¹⁶⁰ Kodwa uNkulunkulu wenza isithombe, futhi Wathola wena ngenkathi wawuthi awube neminyaka engamashumi amabili nento ubudala, uma kungekho lutho olungaphazamisanga njengomfana omncane okhubazekile ohlezi lapha. Kufana nje ne-nesiqu sommbila esesiqale ukukhula, bese into ethize ilale phezu kwaso bese isenza sikhule sigwegwile; uma ungasusa leyonto egwegwile esenze senza lokho, isiqu siyoma siqonde. Sifanele. Yilokho kuphela. Qaphelani, uma kungekho okuphazamisana naso, nakho lapho okhona, nenekazi elisha elikahle, wena wesilsa omusha okahle. Wena nomyeni wakho nimi ndawonye, Adamu noEva wesimanje ovela ekuqaleni. UNkulunkulu wathi, “Balapho-ke. Manje kufa wena—wena balandele. Ungaqala ukubathatha, kodwa ungeke ubathathe ngokugcwele ngize Ngibize.” Manje kuyini na? Yisithombe esiyisithunzi sesithombe sangempela. O, he! Niyabo?

¹⁶¹ Yilokho impela Akwenze kuSara noAbrahama. Wakhuculula ukuguga. Ukuguga kuyisayini yokufa. Futhi abayikuba ngamasayini okufa eZulwini. Niyabo, yonke inkumbulo yokufa iyosuswa, futhi akuyobabikho ukuguga. Sonke siyoba basha. Kuyisithombe nje uNkulunkulu asidwebile ebusheni bakho. Futhi manje uNkulunkulu uthathe futhi wabeka uAbrahama noSara emuva ngqo kulowonyaka wobusha omuhle futhi, ngakho silapho.

¹⁶² Futhi okunye ukufakazisa engifuna ukunikhombisa khona manje. A—angi. . . Ngiyezwa ukuthi akuweli kahle kakhulu. Ngifanele nje ngi. . . Anikukholwa lokho. Awu, ake nginibuze.

Ake nginikhombise into ethize. Ake nginikhombise ukuthi bakwenza. Manje bhekisisani.

¹⁶³ Bukani ukuthi babekuphi, emephini, ngenkathi uNkulunkulu ebonakala kubo, enhla lapho ngaseSodoma. Masinya emva kokuba sebethathe cishe uhambo lwamamayela angamakhulu amathathu ezansi beya eGerari. Lolo uhambo impela lwekhehla nesalukazi. Nanti lelikhehla manje, nobuhwanqa balo bulengela le phansi, lidondolozela. Nangu ugogo omncane, niyazi, efake isigqoko esincane, eshudula emva kwalo, ehamba amanyathelo ama intshi amane noma ayisihlanu amancane lapho ehamba.

¹⁶⁴ Kwase kuthi-ke, inkathazo yakho yayingukuthi, sebehlele eGerari, kwakukhona uAbimeleki, inkosi yayifunisisa isithandwa. Nabo bonke labobesifazane abakahle eyayinabo ezansi lapho, amantombazane amaFilisti; ngenkathi ibona uSara, yathandana naye, yayifuna ukumenza umkayo. Kunjalo na? [Ibandla lithi, “Amen.”—Umhl.] Ha-ha! O!

¹⁶⁵ O, mfowethu, iBhayibheli linjengencwadi yothando nje. Ufanele ulifunde livaliwe, ubone ukuthi Lichaza ukuthini. UNkulunkulu wathi, “WaKufihla emehlweni abahlakaniphileyo nabanokuqonda, futhi waKwembulela izingane zona eziyofunda.”

¹⁶⁶ Uma ngingaphandle ezimishini, umkami ungibhalela incwadi. Futhi ngiyamthanda, naye uyangithanda. Futhi uthi, “Bill othandekayo, kulobubusuku ngisanda kulalisa abantwana embhedeni nje. Ngisebenzile namhlanje.” Ngiyabona ukuthi ufundani, ukuthi ubhalani. Kodwa, niyabo, ngimthanda kakhulu, ngingayifunda ivaliwe ngqo. Ngiyazi ukuthi ukhuluma ngani. Akadingi ukuba angitshela. Ngiyazi, ngoba ngingayifunda ivaliwe.

¹⁶⁷ Kungaleyondlela-ke ngoNkulunkulu, nxa ungazami ukutadisha ngeso elithize lokubuka amaphephandaba, ngeso elithize lokubuka kwesayense yezenkolo, kodwa uthandane naYe. Uguqe futhi uMfake ngempela enhliziyweni yakho, “uthando lukaNkulunkulu lutheliwe enhliziyweni yabo ngoMoya oNgcwele,” bese-ke uyofunda iBhayibheli futhi uzoLibona livela ngqo livaliwe. Uyabo, uyazi wena ukuthi Uthini. Akazange akusho lokho kuphuma ngqo eZwini. UJesu wambonga uBaba ngenxa yokuthi Wayekade “ezifihlile lezozinto emehlweni abahlakaniphileyo nabanokuqonda.” Manje, akekho omunye owayengafunda izincwadi zomkami kanjalo, ngoba ngimthanda ngaleyondlela, niyabo, futhi yileyondlela angibhalela ngayo. Yileyondlela uNkulunkulu anibhalela ngayo. Lisuke livaliwe, uyaLifunda.

¹⁶⁸ Nangu manje, uSara, impela, wehlela lapho. Ungathini nje ugogo omncane, niyazi? Nawo onke amantombazane amahle ezansi lapho e—esixukwini samaFilisti, ezweni iGerari. Futhi

nangu uAbimeleki lapho, uyinkosi esencane ebukeya kahle, futhi ufuna ukuzitholela isithandwa, ngakho uqalaza ndawo zonke. Mahle, nayo yonke into. Kodwa ubona ugoro eza, niyazi, eqhaqhezela, enokwesaba, eza neno, wathi, “Yileyo ebengiyilindele. Yileyo!” Wathi, “O!”

¹⁶⁹ NoAbrahama wathi, “Ngiyakuncenga, Sara, khombisa lomusa kimi. Ungobukeka umuhle, uyazi.” Wathi, “Uma wehlela lapho, uthi ngi—ngingumfowenu, nami ngizothi ungudadewethu. Isizathu, uma ungakwenzi, bazongibulala futhi bakuthathe.”

¹⁷⁰ Uyabo, wawungeke ube nabafazi ababili ngesikhathi esisodwa ngaleyonkathi, uyabo, ngakho manje-ke si... Wayengeke abe nabayeni ababili, njalo, ngesikhathi esisodwa. Ngolunye lwalezizinsuku, ngizoshumayela ngalokho. Manje-ke, ukhuluma nge *INzalo yeNyoka enobuqili* igovuza into ethize, linda kuze kuphume lokhu. Ini—ini, manje na? Khumbulani.

¹⁷¹ Manje-ke sithola ukuthi ngenkathi ebona lowo eza, ugoro omdala omncane kanjalo, uAbimeleki wathandana naye, wayesehamba wayesemthatha ukuba abe ngumkakhe.

Cabangani ngalokho. Niyabona lapho Ayezobaphendula khona babuyele emuva na? Impela, Wadingeka akwenze.

¹⁷² LeliBhayibheli, incwadi yothando, liyinto ethize uNkulunkulu asibhalela yona. “ULifihlile emehlweni abahlakaniphileyo nabanokuqonda, futhi UzoLembulela izingane zona eziyofunda.” Ufihla . . .

¹⁷³ Wafihla ukufika kwaKhe. Wabafihlela uJesu abafarisi, lezozitshudeni zomBhalo. Asinalutho olufana nabo namhlanje. Akunandaba ukuthi babeyisitshudeni kanjani, abamqondanga. Wayefihliwe. IBhayibheli lathi Wayefihliwe.

¹⁷⁴ Futhi, niyazi, iBhayibheli lathi umfundisi wasesontweni wangalolusuku uyofihlelwa ngendlela efanayo. “Abanamawala, abakhukhumele, abathanda injabulo kunokuthanda uNkulunkulu, abangenakuthuliswa, abahlebayo, abangenabumnene, nabangathandi okuhle. Bene . . .”

Wena uthi, “Lokho amakhomanisi.” Qhabo, qhabo.

¹⁷⁵ “Benesimo sokumesaba uNkulunkulu, kepha Amandla akho bewaphika; labo-ke wobagwema.” Niyabo? Lokho kunjalo. “Yiloluhlobo olungena izindlu ngezindlu, futhi luthumba abesifazane abayiziwula abasindwa yizinkanuko ezinhlobonhlobo,” kanjalonjalo. Qaphelani.

¹⁷⁶ Manje sithola uAbrahama ezansi lapho. NoAbimeleki uza nganeno, wathi, “Yileyo ebengiyilindlele, sonke isikhathi.” Ngakho wayenamantombazane akhe ukuba eze futhi amlande bese emkhipha lapho, futhi, o, mhlawumbe amlungisa ngakho konke, futhi amenza abukeke njengendlovukazi ethize yohlobo oluthize. Futhi ngalobobusuku . . .

¹⁷⁷ Ngifuna niqaphele lapha umusa kaNkulunkulu kumprofethi waKhe. Lokhu kungahle kwethuse kancanyana nje, kodwa kuyiQiniso. Akunandaba ukuthi Kubukeka kunjani, bukani kulokhu iBhayibheli elakusho.

¹⁷⁸ Manje sengiyambona uAbimeleki, uyacabanga, “Kusasa ngizoshada nalentombazane enhle engumHeberu. Futhi ingale emakamelweni laphaya manje, nezincekukazi zami ziyiqhola ngamakha futhi zenza izinwele zayo zibe zinhle, futhi zilungisa konke.” Manje ungathini nje isalukazi esineminyaka engamashumi ayisishiyagalolunye ubudala silungiswa kanjalo, ukuba sishade nenkosi esencane na? Ngakho siyathola, lapho bethola lentombazane enhle engumHeberu isilungiswe kahle konke, futhi igeza umzimba wayo futhi—futhi icambalala phansi, futhi yelula izinyawo zayo, emva kokusho imikhuleko yayo, yase icambalala phansi, yathi, “O, he!”

¹⁷⁹ Manje ungathini nje uAbrahama enza icebo lokuphamba elinjengalelo, indoda engasho into enjengaleyo ngomkayo na? Ukhuluma ngegwala! UAbrahama wakwenza lokho. Futhi nango uhlezi phandle lapho manje, emva kokwenza into enjengaleyo. Qaphelani.

¹⁸⁰ Futhi uAbimeleki, ngalobobusuku iNkosi yabonakala kuye, ngephupho, yayisithi, “Ufana nendoda efileyo nje.” Yathi, “Unomfazi wenye indoda.”

¹⁸¹ Wathi, “Nkosi, Uyabazi ubuqotho benhliziyo yami.” Wathi, “Ngi—ngi. . . Ungitshela ukuthi lowo bekungumfowabo—wabo, futhi yena ungitshela ukuthi lowo bekungudadewabo.”

¹⁸² Yathi, “Ngiyabazi ubuqotho benhliziyo yakho, yingalesosizathu Ngingakuvumelanga ukuba wone kiMi. Niyabo? Kodwa lowo, umyeni wakhe, ungumprofethi waMi.” Bukani umusa waYo kumpofethi waYo, nakuba wayesephutheni. Niyabo? Yathi, “Ungumprofethi waMi. Angiyikuyizwa imikhuleko yakho. Hamba umbuyiselele umkakhe, futhi makakukhulekele. Uma ungakwenzi, sonke isizwe sakho siphelile,” zonke izizalo zavalwa. Cabangani ngalokho. Yilokho impela Eyakusho. NoAbimeleki wayeyindoda elungileyo, futhi emesaba uNkulunkulu. Yebo, mnumzane.

¹⁸³ Kodwa niyabona ukuthi umusa kaNkulunkulu wenzani na? Nakho kuhlezi umprofethi waKhe phandle lapho, onikela ngomkakhe ukuba ashadiswe nenye indoda, ngisho ebheke isithembiso somntwana, nezinto ezinjalo, nomusa kaNkulunkulu uhlala naleloZwi kungakhathaleki ukuthi kuyini. Kunjalo.

¹⁸⁴ “Umyeni wakhe ungumprofethi waMi. Futhi aNgiyikuwuzwa umkhuleko wakho. Akunandaba ukuthi unokulunga kunjani, nokuthi ulunge kunjani, nokuthi ukhaliphe kunjani; ngaphandle uma ekukhulekela, uyindoda efile.” Ngakho wathatha futhi wambuyisela emuva uSara. O, he!

¹⁸⁵ Manje-ke uIsaka uyafika enkundleni. Manje sengivala, masinya manje ngifuna ukunitholela into ethize. UIsaka uyafika enkundleni kwase kuthi-ke isithembiso sagcwaliseka.

¹⁸⁶ Manje emva kokufika kukaIsaka, umfana omncane wayesethe akabe neminyaka eyishumi nambili ubudala, kanjalonjalo, uNkulunkulu wenza isivivinyo esiyidabuli sika Abrahama. Emva kokuba Wayesekade evele emvivinyile, iminyaka engamashumi amabili-nanhlanu manje, wabe-ke Esenza isivivinyo esiyidabuli. Manje Wathi, “Abrahama, Ngifuna uthathe lendodana manje, indodana yakho kuphela, futhi uyithathe uyenyusele entabeni eNgizokuhombisa yona lapha kulombono, futhi Ngifuna wena uyithathe uyenyusele lapho bese unikela ngayo ibe ngumhlatshe.”

¹⁸⁷ Futhi Wathi akazange—akazange ale ukukwenza. Wavele wasukuma nje, ngokusa okulandelayo emva kokuba iNkosi ikhulume kuye, wabophela iminyuzi emincane wayesethatha izinkuni nezinto, wayesekucanda, wayesesuka ehamba neminyuzi. Wahamba izinsuku ezintathu, wayesefika-ke endaweni, wabuka le ebangeni elikude, emva kokuhamba izinsuku ezintathu. Manje nakhu lapho uAbrahama ayekhona, nohambo lwezinsuku ezintathu. Futhi ngenkathi umuntu ngalezozikhathi wayengenazo izinyawo zikapetroli njengoba sinazo namhlanje, futhi noma yimuphi umuntu ojwayelekile angawahamba amamayela angamashumi amabili-nanhlanu ngosuku. Niyabo? Wafikaphi, emuva kulawo ihlane na?

¹⁸⁸ Wayesethi, “Manje nina lindani lapha.” Ngiyakuthanda lokhu kuka Abrahama. Wathi ezincekwini, wathi, “Nina lindani lapha neminyuzi, futhi mina nendodana yami sizoya ngaleya siyokhonza, futhi sizobuya.”

¹⁸⁹ Ukuthi kuzokwenza kanjani, kanti wayenyukele lapho ukuyoyibulala na? UNkulunkulu wamtshela, wathi, “Yenyukela lapho futhi uthathe ukuphila kwayo.”

¹⁹⁰ Kodwa lathini iBhayibheli, kwabaseRoma 4 na? “UAbrahama wayazi ukuthi wayeyemukele njengevela kwabafileyo, futhi wayeqinisekile ukuthi uNkulunkulu wayenamandla okuyivusa kwabafileyo, lapho ayeyemukele khona njengesifaniso.” Niyabo?

Wathi, “Nina lindani lapha.”

¹⁹¹ Kuzokwenza kanjani, ngeke nganitshela. Ungacabanga ngalokho dadewethu nengane izingalweni zakho, nomama ehlezi esihlalweni esinamasondo, umfana omncane lapho, ngapha ubabayi na? Angazi ukuthi Uzokwenza kanjani. Angazi nje ukuthi Uzokwenza kanjani. Kodwa Uzokwenza ngoba Wethembisa ukuthi Uyokwenza, phezu kwezisekelo zokuthi wena uyokukholwa. Uyakwenza kwabanye. Niyabo?

¹⁹² “Lomfana nami, ibhungu nami, sizobuya. Niyabo, nina lindani lapha, futhi sizohamba siyokhonza.”

193 Wayesebeka izinkuni phezu kukaIsaka omncane, isifanekiso sikaKristu ethwele isiphambano saKhe. Wenyukela esiqongweni sentaba. NoIsaka omncane waba nokusola, wayesethi, “Baba?”

Wathi, “Ngilapha, ndodana yami.”

194 Wathi, “Ngani, nanti ialtare, nanku umlilo, nazi izinkuni, kodwa liphi iwundlu lomhlatshelo na?”

195 Lalelani lamazwi manje evela ezindebeni zika Abrahama. “Ndodana yami, uNkulunkulu uzozibonela Yena iwundlu lomhlatshelo.” Lokho kuchaza ukuthi, “Umhlatshelo ohlinzekwe nguNkulunkulu,” *Jehova-Jira*. INkosi yahlinzeka ngewundlu.

196 Futhi ngenkathi ebopha izandla zakhe wayesebeka phezu kwe—phezu kwe altare, awubheke nje ukuthi kwase kuyisikhathi esinjani leso manje. Emva kokumlindela iminyaka engamashumi amabili-nanhlano, noNkulunkulu wamenza, ethi makabhuhise into kuphela ayefakaze ngayo yonke iminyaka. Wayeyihlazo phakathi kwabantu, bemhleka. Futhi lapha uNkulunkulu uthi, “Bhubhisa yona impela into ezokunika ithemba kuphela ongaba nalo, ukuthi iZwi laMi lizogcwaliseka kuwe. Ngikunika umfana. Uneminyaka eyishumi nambili ubudala. Bonke bamazile, ngisalokhu ngikwenze uyise wezizwe, kodwa hamba ubulale umfana wakho.” Ungathini nje ngalokho na?

197 UNkulunkulu esikhombisa nje. Akunandaba ukuthi noma ubani uthini, kumbe noma yini ephambene naleloZwi, ale ukukubuka. INzalo ka Abrahama yangempela iyalikhholwa Lelo.

“Bhubhisa leyondodana.”

198 Futhi uAbrahama wayibeka phezu kwalapho. Ungazibonela, ethatha izinwele zayo ezincane ezingamashoba futhi eziphushela emuva ebusweni bayo. Namehlo ayo amancane ansundu ebheka phezulu *kanjalo*, nezindebe zayo ezincane zivevezela. Ibona lowommese onensingo enkulu uphuma kwesikayise... Cabanga ngobaba. Waqethula ikhanda layo elincane, wayeseqethula umqala wayo ukuze akwazi ukuyigwaza ayibhoboze umqala ngalommese. O, ekulaleni uNkulunkulu! Akunandaba ukuthi kwakubukeka kanjani, wathi, “Ngayemkela injengovela kwabafuleyo. UNkulunkulu unamandla okuyivusa.” Wawuphakamisela emuva ummese wayeseqala.

199 NoMoya oNgewele wabamba isandla sakhe, wathi, “Abrahama, Abrahama!”

Wathi, “Ngilapha.”

200 Wathi, “Misa isandla sakho.” Wathi, “Sengiyazi ukuthi uyaNgithanda futhi uyaNgethemba manje, lokhu awuzange ngisho... UbuzoNginika indodana yakho kuphela.”

201 Futhi kwathi nje cishe ngalesosikhathi, babe yinqama igaxele ngezimpondo zayo, ehlane, emva kwakhe.

202 Ngifuna ukukubuza okuthize, mfowethu, dadewethu. Yavelaphi leyonqama na? Bukani, usemuva lapho, uhambo lwezinsuku ezintathu ukusuka empucukweni, ehlane, lapho okunamabhumbesi, izimpungushe, nazo zonke izinhlobo zamankentshane nezilwane, nezinto emuva lapho zaziyoibulala leyonqama khona manje. Futhi, bukani, uphezulu le esiqongweni sentaba lapho okungekho manzi khona. Futhi wayecoshe amadwala macala onke lapho, enza leli altare, nenqama yayengekho lapho. Kodwa ngenkathi uNkulunkulu eyidinga eyodwa, yayilapho. Futhi kwakungesiwo umbono. Wayigwaza negazi laphuma kuyo. Yafa. UNkulunkulu wakhuluma yabakhona ngalomzuzu, noAbrahama wayikhipha ekubeni khona ngomzuzu olandelayo. Niyabo? *UJehova-Jira*, "INkosi iyoZibonela iwundlu."

203 Okungenakwenzeka ukuba inqama ibe lapho. Uma noma ubani azi ngemvu emenweni, ehlane elinjengalelo, phakathi lapho lapho zonke izilwane zasendle nezinto ezinolaka emuva phakathi lapho zaziyoibulala leyonqama khona manje. Yayingeke ibekhona emuva lapho. Futhi lapha, phezulu esiqongweni sentaba lapho okungekho manzi khona, kungekho tshani noma lutho phezulu lapho, futhi yayengekho lapho imizuzu embalwa phambi kwalokho. Futhi nje emzuzwaneni uNkulunkulu ayedinga ngawo leyonqama, yayisilapho; Wayikhuluma yaba khona.

204 Njengoba nje Wayebonakale kuye ezansi lapho. UElohim, Wayedinga umzimba, Wayedinga umzimba ukuba ehlele emhlabeni ekuwo, ngakho Wavele nje waqoqa ukukhanya komhlaba nezulu nezakhimzimba opetroliyamu, kanjalonjalo, wayesengena kuwo. Niyabo, UnguNkulunkulu.

205 Yileyondlela Ayokwenza ngayo wena, emva kokuba ungasengaphezu kwesipunu esigwele umlotha othulini. Yena uyobe esalokhu ekhuluma, futhi wena uyoba khona. Uyobiza igama lakho, futhi wena uyophendula. INzalo ka Abrahama, okunje pho... lesosithembiso sigwalisekile.

206 Qaphelani, kwakuyinqama. Manje uma ninomzuzu nje ngaphezulu, ngingathanda ukuchaza lokhu. Niyazi, ngobunye ubusuku ngakushiya kanjalo. Angikaze ngisho ngikuchaze ebandleni lami. Khumbulani ngenkathi Eqinisa lowomhlatshelo, waqinisa lesosivumelwano kuye; ethatha imbuzi yesikazi, wathatha isithole (ithole lesikazi), wayesezhlukhanisa kabili, wayesethatha inqama. Manje, khumbulani, ngenkathi iNzalo yobukhosi yokukholwa kwaKhe, khumbulani, kwakungesiyo eyesikazi, kwakunguYe owesilisa. KwanguYe owesilisa, isithembiso siyagwaliswa. Qaphelani, inqama, yona; Yena, ukuhlangabezana neZwi. UyiZwi,

leyoNqama, hhayi isikazi. Zanelwa kuqala, khumbulani, uGenesisi 15, ukuthi yisikazi; zaba yiyo phansi; wase-ke ethatha inqama. Inqama yaba ngeyokugcina. Yena, iNqama, iZwi elihlinzekiwe; hhayi imbuzi yesikazi, inhlango, ibandla. Niyabo? Hhayi yena, ibandla; kodwa Yena, iNqama. Amen. Yingalesosizathu Azalwa ngoAprili.

²⁰⁷ Hhayi ngoDisemba njengoba ibandla lamaRoma likubeka, usuku lokuzalwa lukankulunkulu welanga, base belubeka nolwaKhe, phezulu lapho zingamashumi amabili-nanhlano kuDisemba, ngenkathi amasekisi abo lalenzeka khona, uma uke uthathe i—i...watadisha umlando webandla. Futhi niyaqonda ukuthi babeka lokho phezulu lapho, bakwenza... Kwakulusuku lokuzalwa lukankulunkulu welanga, ilanga, uma lima cishe impela ngqi. Akukho kushintsha kulo izinsuku ezinhlano, kusukela kuDisemba zingamashumi amabili kuya zingamashumi amabili-nanhlano. Babeka iNdodana kaNkulunkulu nosuku lokuzalwa lukankulunkulu welanga lufane, bexegisa ubuKristu nobuhedeni, bakwenza uDisemba. Wayengeke azalwe ngoDisemba zingamashumi amabili-nanhlano, ngani, yizintaba ezihaqwe yiqhwa phezulu lapho eJudiya.

²⁰⁸ Wazalwa njengoba onke amawundlu enjalo. Wazalwa ngesikhathi sasentwasahlobo. Futhi Wadingeka azalwe phansi kwenqama, ngoba WayeyiNqama, nenqama kwakunguAprili. Impela. Wazalwa phansi kwaleyinqama. Yilokho Ayeyikho. WayeyiNqama kaNkulunkulu. Lowo kwakunguYe phezulu lapho owathatha indawo kaIsaka. Amen. Anikuboni na?

²⁰⁹ Nakho, kukhombisa lapha ngokusobala, uMlobokazi oyiNzalo yobukhosi akayukubizwa ngaye, ibandla, umhlatshelo wembuzi yesikazi yamahlelo. Qhabo. Kodwa nguYe, iZwi elibonakalisiwe leNqama, ngokuba UyiZwi neNqama, ke. Akabizwa, Wathi, akabizwa ngegama *lalo*, kodwa, “Ababizwa ngeGama *laKhe*. Uyothathela abantu kwabeziZwe,” hhayi begama lakhe owesifazane, kodwa, “beGama *laKhe*,” bayophatha iGama *laKhe*. O, he! Nikwesabela ini, pho na? OweziZwe uyophatha iGama *laKhe*, iNqama; hhayi igama lakhe owesifazane, ibandla. Hhayi yena owesifazane; kodwa Yena owesilisa! Haleluya!

²¹⁰ INzalo yobukhosi iyoLibona. Animbongi yini uMalaki 4 ezezeka na? “Abuyisele ekuKholweni kwasekuqaleni, iZwi likaNkulunkulu!” Impela nina bantu ningakubona lokho. Asizukukwenza kucace kakhudlwana. Lelo hlelo malihambe. Ndoda, buyela kuleloZwi. NePhimbo losuku lokugcina, nesibonakaliso sosuku lokugcina, kuzoshwibela abantu babuyele ekuKholweni kwasekuqaleni, uMalaki 4 washo njalo, kubuyelwe eZwini.

211 Futhi WayeyiZwi, hhayi yena owesifazane; Yena owesilisa, amen, iGama leNkosi uJesus; iZwi eliqinisekisiwe manje ngesithembiso, iZwi elethenjiswa.

212 UJohane oNgcwele 14:12, “Imisebenzi eNgiyenzayo mina, nani niyakuyenza.” UMalaki 4, into efanayo okwayishoyo lapho. Futhi, uLuka 17 uyasitshela, ukuthi, ngezinsuku zokugcina ukubonakaliswa kwezwe kuyobe kumi nje ngokuhlelekile impela, “njengoba kwenzeka emihleni yaseSodoma,” noNkulunkulu wayezokwehla, abonakaliswe enyameni yomuntu, futhi azi izimfihlo zezinhliziyo. Mm, mm. UJesus washo leyonto, futhi yayizokwenzeka, “ngezinsuku lapho iNdodana yomuntu yembulwa khona,” ekupheleni kwezwe.

Niyaba, akusilo ibandla, “Joyina *leli*, joyina *lelo*.”

213 Kungukuthi, woza kuYe! Yilokho inzalo ka Abrahama eyakuthola lapho, umhlatsshelo wanikelwa, esikhundleni salenzalo yakhe yangempela. Kuthiwani-ke ngeNzalo yakhe yokomoya, amen, iNzalo yaKhe yobukhosi, iNzalo yeNdlovukazi na? Amen. O, ukuba beningayibona nje! Khumbulani, iyini na? Iyinyama noMoya kuhlangana, kuba kunye.

214 Bukani kuMathewu, isahluko 3. Nansi inyama yayilapha, iNdodana kaNkulunkulu ezalwa yintombi, yehla ivela e—emzini, yaphumela kuJohane umBhaphathizi.

215 Futhi nanso yayilapho, imi emanzini. IBhayibheli lathi, “IZwi leNkosi njalo liza kumprofethi.” Kunjalo na? NoJohane wayengumprofethi. Babekade bengenaye umprofethi emakhulwini eminyaka.

216 Kodwa nangu wayelapha, umprofethi emi lapho, futhi wayeprofetha ukuthi uJesus wayezofika. Wayekade ephandle ehlela, futhi wathi ubone isibonakaliso. UNkulunkulu wamtshela ukuthi isibonakaliso sasiyolandela lowoMesiya, uma Efika. Wathi, “Umi phakathi kwenu ndawondawo manje. Nango Oyedwa phakathi kwenu, Ozicathulo zakhe ngingafanele ukuzithukulula. Uyobonakaliswa ngolunye lwalezizinsuku. Futhi ngenkathi Enza, khona-ke ngiyonciphisa mina, Yena akhule.”

217 Kwenzeka wabuka, futhi ubona lesosibonakaliso; wathi, “Nangu Eza manje. Bheka iWundlu likaNkulunkulu elisusa isono sezwe.”

218 Umshumayeli omdala oyiBaptisti, uDokotela Davis, owangibhaphathizela enhlanganyelweni yebandla lamaBaptisti, wakuxoxa lokho nami ngesinye isikhathi. Wathi, “Uyazi ukuthi kwenzekani lapho, Billy na?”

Ngase ngithi, “Qhabo, angazi, Dokotela.”

219 Wathi, “Nakhu okwenzeka. UJohane wayengakaze abhaphathizwe.” Wathi, “UJohane wabhaphathiza uJesus, kwase kuthi-ke uJesus wajika wayesebhaphathiza uJohane.”

Ngathi, “A—angazi ngalokho.”

²²⁰ Ngakho ngangilokhu ngikhuleka ngakho. Ngobunye ubusuku embonweni, nakhu okwakuyikho. Niyabo? Akazange, Akazange, uJesu akazange ambhaphathize uJohane. Awu, ini?

²²¹ Wathi, “Yimina engiswela ukubhaphathizwa nguWe, futhi yini ukuba Uze kimi na?”

UJesu wathi, “Vuma kalokhu.”

²²² Bhekisisani lawomehlo amabili, indoda amabili asemqoka emhlabeni; kwakukhona *nanguya* uNkulunkulu, kwakukhona *nangu* umprofethi waKhe, neZwi liza kumprofethi. Uma iZwi lisenyameni, Liyoya kumprofethi. Akunandaba ukuthi Likuphi, Liyoya kumprofethi. Lifanele. IBhayibheli lasho njalo. Qhabo...Futhi nakhu kuza...WayeyiZwi. “Ekuqaleni wayekhona uLizwi. ULizwi waba yinyama wakha phakathi kwethu.” Futhi nakhu kuza iZwi kumprofethi, liphumela ngqo emanzini, ukugcwalisa nokuqinisekisa isiprofetho sakhe. Amen. Nangu Uma lapho, futhi lapha lawomehlo omabili ayahlangana; omunye ngumprofethi, nomunye yiZwi.

²²³ Futhi yena, uJohane, uzithoba phambi kwaKhe, wathi, “Yimi engiswela ukubhaphathizwa nguWe, futhi yini ukuba Wena uze kimi na?”

²²⁴ Wathi, “Vuma kalokhu, ngokuba kusifanele,” kuyasifanela, niyabo, “kufanele ukuba sigcwalise ukulunga konke.”

²²⁵ UJohane, engumprofethi futhi walazi leloZwi, ngoba iZwi liza kuye, wayazi ukuthi lowo kwakunguMhlatshelo. Futhi ngokoMthetho, uMhlatshelo wawufanele ugezwe ngaphambi kokuba wethulwe. Kuyikho impela. Wabhaphathiza uJesu ngoba WayenguMhlatshelo ozayo. Ngaphambi kokuba Aye empilweni yaKhe yomphakathi, Wayedingeka abhaphathizwe, ngoba uMhlatshelo ufanele ugezwe ngaphambi kokuba wethulwe. Amen. Futhi waMbhaphathiza.

²²⁶ Futhi ngenkathi enza, Waphuma masinyane emanzini. Wayesebuka phezulu wayesebona uMoya kaNkulunkulu, enjengejuba, nePhimbo livela kuLo, lathi, “Lo uyiNdodana yaMi eNgithokozile ukuhlala kuYo.” UNkulunkulu nomuntu babamunye.

²²⁷ UAdamu noEva wayemunye, ekuqaleni. Futhi ngenkathi Ebahlukanisa, wawa, ngenxa yeZwi. Waligeja iZwi. Wawa.

²²⁸ Wenze njalo nonyaka webandla ngamunye, uwa kanjalo, ngenxa yokuhumusha ngokungesikho iZwi. Bevumela umhumushi, lowoSathane oLihumusha kuEva, “O, ngempela *Lelo* lingebe ngeliqinisileyo. Ngempela *Leli*, ngempela *lawo* onke angebe njalo. *Leli* lingeke. O, yebo, ngiyazi, ngempela...”

²²⁹ Kodwa uma uNkulunkulu esho njalo, lokho kuLenza libe njalo. Akekho “ungempela” kuLo. Ufanele uzalwe ngokusha.

Ufanele wemukele uMoya oNgcwele. Kuphakathi kokuthi yilokho noma ubhubhe! Qaphelani.

²³⁰ Futhi nangu E—nangu Engena, uJesu noNkulunkulu babamunye. Bahlangana.

²³¹ Njengase Edene, lapho khona uAdamu noEva wayesekuqaleni, umoya ofanayo. Amagama abo lalibizwa ngoAdamu. Niyabo? Wayeyikho kokubili uAdamu noEva, ndawonye. Futhi ngenkathi ehlukani, ukuba ayovivinywa, kwenzekani na? UEva wawa, ngeZwi. Lelo kwakuyiZwi. UAdamu waphuma wamlandela, ukuba amhenge, kodwa akakwazanga ukukwenza. Wayengakufanele ukumhlenga.

²³² Kwase kuthi-ke nakho kufika uAdamu wesiBili, ukuhlenga iBandla, okwakusesithunzini nasesifanekisweni.

²³³ Manje, njengokuqiniseke impela njengoba uAdamu noEva babefanele babewumoya ofanayo, uKristu neBandla kuzofanele kube nguMoya ofanayo, inkonzo efanayo. “Izinto eNgizenzayo mina, nani niyakuzenza.” Niyabona ukuthi ngiqonde ukuthini na? Babefanele bahlangane ndawonye. Inyama negazi, noNkulunkulu, babefanele beze babendawonye futhi babenguMoya owodwa. Futhi uJesu Kristu neBandla laKhe nguMoya owodwa. Ibandla lingakuphika kanjani okudaliweyo, ibandla lingayiphika kanjani into uKristu abatshela ukuba bayenze, singaLiphika kanjani bese sithi-ke singabaKristu na? “Uma nihlala kiMi, namaZwi aMi ehlala kini, celani enikuthandayo futhi niyakuphiwa khona. Mina ngingumVini, nina ningamagatsha, nokuPhila okusemininzi kuhamba kungene egatsheni ukuba kuthele isithelo.” Abatheli bezithelo!

²³⁴ “Nazozonke izingatsha ezingatheli isithelo esihle, ziyagawula.” Yileyo ndlela-ke izinhlangano ezenze ngayo, ziyayephula, zixove iZwi, bese ziqala zisuke kanjalo. Nanye iqala ukuya *ngapha*, nanye iya *ngapho*, futhi, into yokuqala niyazi, isigejane esincane esimbalwa sezintekenteke siyangena bese zifaka umbono wazo kuyo, futhi, into yokuqala niyazi, bese-ke nje kuba yisigejane esikhulu seBabiloni. Uvele nje ayithene.

²³⁵ Ayikaze inhlangothi ike ivuke, kodwa kuphela yawa. Futhi zonke zawa, azizange zibuye futhi. Ngikuphosela inselelo lokho kunoma ubani. Yebo, mnumzane. Niyawazi umlando. Akaze ibekhona eyodwa. UNkulunkulu, zithi zingahlala nje, Uzibeka eshalofini, nalokho kuyayiqeda. Uyothatha indoda kwenye indawo, ikukhiphe ngqo. Ngempela.

²³⁶ Qaphelani kulokhu manje, bafanele babemunye. UJesu wathi, ngaleyonkathi, “UkuPhila okukuYe kuyoba seBandleni laKhe.” Futhi nakhu impela Akwethembisa ngezinsuku zokugcina, ukuthi ukuPhila okwakukuKristu, okwakuse... kuyobonakaliswa ngezinsuku ukuthi izwe selisesimweni saseSodoma njengoba nje likuso manje. Awuboni yini, mfowethu, dadewethu na?

237 Kusizani ukujoyina ibandla uma ungenaye uKristu empilweni yakho, noKristu ezikhomba Yena uqobo empilweni yakho na? Niyabo, yilokho-ke. “Lezizibonakaliso ziyakubalandela abakholwayo.” Wakusho lokho. Ubungakusho kanjani, uma kungenjalo, ungazisho kanjani ukuthi ungokaKristu na?

238 Wena uthi, “Mfowethu Branham, ucabanga kanjani ukuthi uyoke wenze lokho kunamathelane nabantu, ngalolusuku lwezihlakaniphi lapho yonke into iyihlelo na?”

239 Ngabuza owesifazane, kungekudala, “UngumKristu na?” Esibhedlela. Wathi, “Ngizokunika ukuthi uqonde ngikhanyisa ikhandlela njalo ebusuku.” Kube sengathi lokho kukhona okwakuhlangene ngakho nobuKristu na? Ngangine. . .

240 Ngaya ukuyokhulekela omunye wesifazane, futhi ngi. . . elinye inenekazi lalilele lapho, ligula, lona nendodana yalo. Ngase ngithi. . . Ngiyangena. Ngathi, “Nenekazi, unga. . . Ya,” Ngathi, “Ngiyakwazi ukuthi ungubani. UnguNkk. Oliver.”

241 Wathi, “Yebo, Mfowethu Branham.” Wathi, “Kade ngigula kabi, Mfowethu Branham. Udokotela akatholi ukuthi yini engalungile kimi. Ungawenza umkhuleko na? Yingalesosizathu ngikubizile.”

242 Ngathi, “Ngempela, Dadewethu uOliver.” Ngathi, “Kungakukhathaza ukukhothamisa ikhanda lakho na?”

243 Lathi, “Awulinde umzuzu nje! Donsa lelokhethini!”

244 Ngase ngithi, “Awu, kulungile.” Ngathi, “Ngizokhuleka nje. UngumKristu na?”

Lathi, “SiyiMethodisti.”

245 “Awu,” ngathi, “lokho akusikho engikubuze khona. Ngikubuze ukuthi ungumKristu yini.”

Lathi, “Donsa lelokhethini!”

246 Niyabo, lokho kuyingcingo kanjalo-ke nje. Angake abe njani umuntu kanjalo na? Lobo ngubumnyama bhuqe nobumnyama, umehluko wobuhlelo ubanquma ubasuse ezibusisweni zikaNkulunkulu. Lokho kukhona kuwo onke amahlelo. Kunjalo. Mfowethu, ungayi kuye owesifazane; yembatha Yena owesilisa. Ungathathi igama *lakhe* owesifazane; thatha elaKhe owesilisa, niyabo, thatha iGama laKhe.

247 Wena uthi, “Mfowethu Branham, uzokwenza kanjani kunamathele namhlanje na? Uzokwenza kanjani na?”

248 Wenza isithembiso ukuthi Wayezokwenza, wathi, “Ungesabi, mhlambi omncane, kuyathandeka kuYihlo ukuninika uMbuso.”

“Uzokwenza kanjani na?”

249 Usalokhu enguJehova-Jira. Usalokhu enguJehova-Jira. UNkulunkulu angazihlinzekela Yena uqobo iBandla.

“Angamvusela uAbrahama abantwana kulawamatshe.” Yena, ngempela, UnguJehova-Jira.

Wena uthi, “Kuzosebenza na?” Kuzosebenza impela. UNkulunkulu wakwethembisa.

“Ucabanga ukuthi uyo ke ukwenze . . . ?”

²⁵⁰ Angikwazi, kodwa Yena uzokwenza. Anginaso isibopho soKukwenza kukwenze. Nginesibopho nje sokuKushumayela. Kungumsebenzi waKhe ukuKuqinisa. Lowo nguYe. Uma ngimi ngeQiniso, Uyoma ngaLo. Ukufakazisile, futhi Uzokwenza.

Wena uthi, “Kumnyama kabi kabi.”

²⁵¹ Yebo, ngiyazi kumnyama kabi kabi. Futhi bonke abefundisi bezenkolo bayongena kulenhlango enkulukazi, baye ekuhlatshweni.

“Ngakho nizokwenzenjani ngalokho na?”

²⁵² Kungikhumbuza nje ngendaba encane. Ngingahle ngisho lokhu ngaphambi nje kokuvala. Ezansi eCarlsbad, eNew Mexico, lapha, banemigede lapho, niyazi. Ba—bafanele behle cishe imayela, phansi phakathi kulowo. Ngangingazithandi neze lezozinto. Njalo bafana nemvukuzane emhlabathini. Futhi yehlela phakathi lapho, futhi, o, kuba ngubumnyama baphakathi nobusuku phansi lapho. Futhi kukhona lentombazane encane emile, o, mhlawumbe, njengaleyonto encane *lapho*. Nomfowabo omncane wayemi *ngapha*, ecaleni elilodwa, nomphelekezeli owayebhlisa. Ngakho babemi phansi kulendawo emnyama, futhi kwabakhona ukukhanya ngaleyonkathi, babekhanyise onke amalambu. Futhi lendoda, nje okwe . . .

²⁵³ Umphelekezeli wathi nyelele waya ngale elambini. Nalomfana omncane wayehambisana naye, eqaphele umphelekezeli. Ngakho umphelekezeli wawelela laphaya, wayesethatha leswishi wase eyiphosa nje iswishi eyicima. O, he, ukhuluma ngokuba mnyama! Imayela ukujula emhlabathini, niyazi, kumnyama ngangokuthi wawungakwazi ukuvayizelisa isandla sakho, wawungeke ubone lutho.

²⁵⁴ Naleyontombazane encane yayidazuluka ngakho konke okwakukuyo. Yayigxuma nje phansi phezulu futhi idazuluka, idazuluka kakhulu nje njenge . . .

²⁵⁵ Futhi kukho konke ukudazuluka, umfana omncane emi ngale ecaleni elilodwa, wathi, “O, dadewethu omncane! O, dadewethu omncane!”

Wathi, “Ufunani, mfowethu omncane na?”

²⁵⁶ Wathi, “Ungesabi. Ikhona indoda lapha engakhanyisa amalambu.”

²⁵⁷ Ikhona iNdoda lapha engakhanyisa amaLambu. Yona, InguJehova-Jira. Niyabo? Ikhona iNdoda lapha, ephakathi

kwethu kulobubusuku, uMoya oNgcwele, Ingawakhanyisa amaLambu. IyiZwi, iNdoda lapha engawakhanyisa amaLambu. Angazi ukuthi Izokwenza kanjani. Akusikho okwami ukuba ngazi, kodwa Iyakwazi ukuthi ikhanyiswa kanjani iswishi. Yenza isithembiso. Yasenza phezulu lapho ngenkathi uAbrahama esenommese wakhe phezu komqala wendodana yakhe; Yakhanyisa iLambu. Ya. Ingalikhanyisa iLambu futhi kulobubusuku.

²⁵⁸ Asikhothamise amakhanda ethu umzuzu nje. UNkulunkulu asize, ukuthi Uzokhanyisa leyo swishi encane enhliziyweni yakho.

²⁵⁹ Bangani, kuleliviki nibone uMoya oNgcwele omkhulu phakathi kwethu. Akukho mbuzo kulokho. Kodwa, o, leloLambu elincane malikhanyiswe, kulobubusuku. UngaLigeji, mfowethu, dadewethu. Ngicabanga ukuthi nje ngalesisahluko esincane esisodwa lapha sika—sika Abrahama, sifakazisile, nje sikuxhumanisa emuva naphambili, kusuka kuGenesisi kuya eSambulweni, kufakazisile ukuthi hora lini esiphila kulo; uKristu, enqatshiwe esizweni sakithi futhi; ukuzamazama komhlaba okuningi kuzindawo ngezindawo; iSodoma neGomora; ibandla esimweni salo, impela libumba umfanekiso wesilo. Zonke lezizinto yenzekile, njengoba iBhayibheli lasho, nani bantu niyakwazi lokho. Niyabo? Manje ngaphandle kwalesisehlakalo esikhulu noKristu, uma ukuPhila kukaKristu kungena kuwe. . .

²⁶⁰ Manje ake nje uzibuke wena uqobo esibukweni sikaNkulunkulu, futhi ubone nje ukuthi ungazikhomba yini wena uqobo kulobubusuku. Ukuba wawukade uphila ezinsukwini zika—zikaNowa, ngesikhathi sikazamcolo, yiluphi uhlangothi owawuyobandakanywa nalo na? Ukuba wawuphila ezinsukwini zikaMose, yiluphi uhlangothi owawuyoba ngakulo na? Ukuba wawuphile ezinsukwini zikaKristu, ngenkathi onke amabandla lalimelene naYe na? Wadingeka ame yedwa phandle lapho, nezinto Azenza. Into kuphela, kwakunguNkulunkulu enaYe, yileyonto kuphela. Ngisho nabobonke ababafundi baKhe, cishe, basuka baMshiya. Kodwa yiluphi uhlangothi, isimo sakho samanje nje, wawuyoba kuphi, uyoba ngakuluphi uhlangothi na? Yiluphi uhlangothi owawuyoba ngakulo khona manje, uma uMbona futhi phakathi kwethu ngqo na?

²⁶¹ Manje Ulapha, futhi angakhanyisa iLambu enhliziyweni yakho, futhi nje agwalise impilo yakho ngoMoya oNgcwele. Bangaki phakathi lapha manje, amakhanda enu ekhotheme, nezinhliziyozenu, futhi, abazokhuleka nami umzuzwana nje na?

²⁶² Manje, Baba waseZulwini, siyazi ukuthi Awuzi nje futhi—futhi wenze izinto ukukhombisa nje ukuthi Ungayenza. Uyenzela inhloso. Futhi, Nkosi, leliviki, ngizwe ngiholeleka ukuba ngilinde kuze kube yilomzuzu, ngaso impela

lesisikhathi, ukuthi kuqala bebezobona ukuthi iZwi liyaqiniswa. Lingaleya kwanoma yimuphi umbuzo manje. Nalomlingiswa oyedwa, uAbrahama, lapho bonke abalingiswa eBhayibhelini beboshelwa kukho ngqo, futhi siyabona lapho esihlezi khona khona manje.

²⁶³ Baba, ngezwi elephukile, kodwa lingokwedlula konke ebengingakwenza. Ngiyakhuleka manje ukuthi uMoya oNgcwele omkhulu olapha, owazi imfihlo yayoyonke inhliziyo, uzokhuluma kuleyonhliziyo khona manje. Yenza, Nkosi. Khuluma kulowo obengezukuphambana, ukuba Ubuza kulobubusuku, ukuba umnyango ubuzovalwa kulobubusuku, ukuba bebezofa sebesemgwaqeni beya ekhaya, noma bathole ukushayiswa yimoto futhi babulawe, noma bafe, batholakale befike embhedeni ekuseni, bebengeke basindiswe. O Nkulunkulu, siza ungavumeli namunye wabo ahambe ngaleyondlela.

²⁶⁴ Uma nje bejoyine ibandla, Nkosi, kwangathi bebengeke babenamahloni ukuba baphume bathi qekelele futhi bacele uNkulunkulu ukuba bagcwaliswe ngoMoya waKhe, ukuthi ukuPhila kwaKhe kuzongena kubo. Uma bebengakakwazi ukuqonda lezinto; kanjalo nabafundi abaziqondanga, kodwa babambelela uMoya oNgcwele waze wathululwa, khonake baKufunda, futhi baloba iBhayibheli. Ngiyakhuleka, Baba, manje, ukuthi Uzokhuluma kuyoyonke inhliziyo futhi ubazise ukuthi iNdoda engakhanyisa iLambu isemnyango ngqo wenhliziyo yabo.

²⁶⁵ Amakhanda ethu ekhotheme manje. Bangaki phakathi lapha abazoba gotho ngempela, futhi bathi, “Mfowethu Branham, ngi—ngiyazi ukuthi angilungisene noNkulunkulu?” Ngifuna—ngifuna uphakamise isandla sakho. Yiba ulokhu nje ukhothamisa ikhanda lakho, wonke umuntu, kodwa uphakamise isandla sakho. “Angilungisene noNkulunkulu.” UNkulunkulu akubusise. UNkulunkulu akubusise. Yebo. “Ngi,” izandla, “Ngiyazi angilungisene noNkulunkulu.”

²⁶⁶ Niyabo, engizama ukukwenza, ngukufumana umusa kuNkulunkulu walenkonzo enkulu yokuphilisa kusasa. Uma nje ngingathola umusa, a—a—angikholwa ukuthi izoba khona into esalayo kodwa leyo ezo, uNkulunkulu azoyiphilisa, uma nje ngingathola abantu ukuba bakholve.

²⁶⁷ Manje, wena ongenawo umbhaphathizo kaMoya oNgcwele, futhi uyazi ukuthi lawo ngamaFutha. Uma wawungenawo amaFutha esibanini, azingenanga.

²⁶⁸ Futhi senake nezwa ngesikhathi esinjengaleso, emaphepheni, lapho amaPresbyterian, amaLuthela... Bukani iphephabhuku loSomaBhizinisi abangamaKristu. AmaLuthela, iPresbyterian, ngisho neKatolika, afuna ukuthola umbhaphathizo kaMoya oNgcwele, ngamakhulu. Futhi angazi

noma laboSomaBhizinisi beFull Gospel bayaqonda yini ukuthi abazukuWuthola?

269 IBhayibheli lathi, “Lapho zingena, zathi, ‘Sipheni amafutha kwawenu,’ zasho.” Intombi elele, zaqonda ukuthi azinaso sonke lesosikhathi sokuthola amafutha, kodwa azikwenzanga. Ngakho lapho uMyeni esezofika nje, zathi, “Sipheni amafutha kwawenu.” Zathi, “Sinanele thina nje. Hambani niyowathenga kwabawathengisayo.” Futhi zisahambile, uMyeni uyafika, noMlobokazi wangena. Zase ziphoselwa ebumnyameni obungaphandle, ukuba ziphaphame futhi zithole ukuthi uHlwitho lwase luhambile. “Futhi zashiywa lapho okuyobakhona ukukhala nokulila,” isikhathi sokuHlupheka, “nokugedla amazinyo.”

270 Mfowethu, dadewethu, kulobubusuku, mngani wami, uma ungenawo uMoya oNgcwele, unga...noma walahlwa yicala ngokwenele ukuba wazi ukuthi ufanele ube naYe, ungasiphakamisa isandla sakho, uthi, “Ngikhulekele, Mfowethu Branham. Ngiyakholwa siseBukhoneni bukaNkululnkulu. Ngikhulekele. Anginawo uMoya oNgcwele.” UNkulunkulu akubusise. Ake nibheke nje izandla, ndawo zonke. Niyamfuna, manje-ke na?

271 Manje sengiyazi, kini maMethodisti namaBaptisti, kanjalonjalo, kunenqwaba yobuhlanya elandela noma yimuphi umlayezo.

272 Manje kini maLuthela. Bengisanda kufunda nje umlando kaMartin Luther, enye yezincwadi zakhe yabhalwa ngaye, lapha kungekudala. Bathi, “Kwakungesiyo imfihlakalo kakhulu ukuthi uMartin Luther wayekwazi ukubhikishela ibandla eliKatolika futhi azedlulele nakho, kodwa ukuba aphakamise ikhanda lakhe phezu kwakho konke ukugxekwa okwakulandela invuselelo yakhe.”

273 Nalokho kuyahamba, kunengxubevange kuzo zonke izimvuselelo. Niyakwazi lokho. Kodwa manje, khumbulani, lokho kukhombisa kuphela ukuthi ikhona eyangempela. Uma ubona idolambumbulu, noma omunye umuntu wenza sengathi kukhona abanakho, khumbulani nje kukhona elilodwa elangoqobo elenziwe lisuselwa kulo. Uma lingenjalo, lelo ngelasekuqaleni. Niyabo? Ngakho niyazi ukuthi lelo kungeke kwaba ngelasekuqaleni, ngakho kuzofanele kubekhona elasekuqaleni.

274 Nalokho kwasekuqaleni nguJesu Kristu wangempela, Lo olapha, owazi zonke izimfihlo enhliziyweni yakho khona manje. Futhi manje ngizonicela, uma niMbonile, futhi nizwa lezizimfazazo zazo zonke izinhlobo zezinto ziphiliswa, nokuthi izinhliziyi zabantu zaziswe kanjani lonke leliviki, futhi ni...Lowo nguYe ekhuluma kuwe. Lowo nguYe. Angazi

noma beningakukholwa lokho mina ngikhuleka, nangawe, bekungakusiza yini na?

²⁷⁵ Khumbulani, uMoya oNgcwele wanikezwa ngokubekwa kwezandla. UPetru, emva kokuba uFiliphu eshlele eSamariya futhi wabhaphathiza bonke abantu ezansi lapho, eGameni likaJesu Kristu, nokho, uPetru wehla wayesebeka izandla phezu kwabo, noMoya oNgcwele wehlela phezu kwabo. Niyabo?

²⁷⁶ Manje uma nikholelwa kulokho, angazi noma beningenyukela yini lapha, ngamunye ongasindisiwe, noma ongenaye uMoya oNgcwele, uzoza lapha futhi ame khona lapha umzuzu nje, anginikhulekele. Uma nje niphuma esikhaleni sezihlalo, akunandaba ukuthi nikuphi, yimani lapha nje. Yenyukelani lapha nje futhi ngi—ngikhuleke kanye nani umzuzwana nje. UNkulunkulu anibusise.

²⁷⁷ Manje wonke umuntu nje akacule manje. *Cish'ukuVuma*, uma uthanda. Dadewethu Downing, lapha, uma uthanda. Kulungile.

²⁷⁸ Ningeze khona *ngapha*, bazalwane bami? UNkulunkulu akubusise, mfowethu. Wonke umuntu athule ngempela manje, ekhuleka. Lona kungaba ngumzuzwana obucayi, kungahle kusho umehluko phakathi kokufa nokuPhila, kwabaningi, abantu abaningi.

²⁷⁹ Ngabe nonke benilapha kuleliviki na? Nimbonile uMoya oNgcwele, Akwenzile ngaleliviki phakathi kwabantu na?

“...-vuma,” uKristu ukumemukela;

O, Unjalo manje, omunye umphefumulo uku...

²⁸⁰ Ungeze, ungenaNkulunkulu, ungenaMoya oNgcwele na? Wena uthi, “Ngiyasonta, Mfowethu Branham”? Yilokho, hhayi lokho engikhuluma ngakho. Ngiqonde ukuthi, ngabe ugcewalisiwe yini ngoMoya kaNkulunkulu na?

“...kakhulu...”

²⁸¹ Awusoze waluthola olunye futhi usuku lwethuba elifanele kunakhona manje, lapho uJesu Kristu ekhonjwa phakathi kwethu.

“...kuWe...”

²⁸² Ukuba-ke ubungafa ngaphambi kokusa na? Khona-ke ungeke wabiza. Ungeze manje Esabiza na?

“Cish'ukuvuma,”...

Nakho-ke, yibani nje nilokhu niza ngqo nehla.

...woza, woza namhlanje;

“Cish'ukuvuma,” ungaphehlukeli...

²⁸³ Ungeze manje na? Ngiyazi into ethize enhliziyweni yami ingitshela ukuthi kukhona umuntu ohlelayo. Ungakwenzi, mfowethu, ungakwenzi!

. . . iziNgelosi zilibala eduzane,
 Imikhuleko ivuka ezinhliziyweni
 ngokuthandeka kakhulu; O wena owuzulane,
 woza. (Manje ngempela. . .)

²⁸⁴ Lalela, mngani. Uyakholwa ukuthi uMoya oNgwele, lonke leliviki, ufakazisile ukuthi Ukhuluma lapha na? Ake sibone isandla sakho. Kufanele kubekhona lokhu okuningi futhi, noma okuningi. Ngiyakuzwa lokho Kuzwa. Niyabo, Aka. . . Kusekhona okungalungile. Kungcono uze.

²⁸⁵ Khumbulani, ngingeke—ngingeke ngakuphoqa ukuba uze ngokuphikisana nentando yakho uqobo. Kodwa ngikholwa ukuthi lesi kungahle kube yisikhathi, konke lokho obukubhekile, kungahle kulungele ukwenzeka khona manje. Nalokhu kungaba yikho, ngethemba ukuthi akusikho, kungahle kube yisikhathi sokugcina oyoke ubizwe ngaso. Khumbula, Akayikuhlala njalo ebanga. Uyobiza, khona-ke Uyokufulathela, ukuba angaphinde eze futhi.

²⁸⁶ Awuzi ngani khona manje na? Ungenyukele lapha bese nje uzimela wena uqobo phambi kukaNkulunkulu na? Uthi, “Ngizoza ngime. Ngizothatha indlela. Anginamahloni. Ngiyasonta, kodwa ngifuna lonke izwe ukuba lazi ukuthi sengilungele ukwemukela uKristu enhliziyweni yami, uMoya oNgwele. Ngiyeza manje ukuba ngikwenze. Sengilungele ukuqondisa, ngibe ngumKristu wangempela, inenekazi langempela, indoda yangempela.” Ungeze na? Sizolinda nje. Woza wehle ngqo, nakho-ke, uphume kovulande basesitezi nasesikheleni sezihlalo. Yehlela lapha, yenza isinqumo sakho sokuma nje.

²⁸⁷ Mngani, ngingahle ngingaphinde ngikubone futhi kulelicala lesikhathi esikhulu. Kodwa uma ngingakuboni, khumbula, ngizobamsulwa manje, unjalo noKristu. UZibandakanye nani. NizoMbona enza into efanayo esikhashaneni esincane. Kulungile. Manje yehlani, thathani isinqumo senu sokuma.

²⁸⁸ “Ngani,” wena uthi, “Mfowethu Branham, uyangehlulela.” Qhabo, anginjalo.

²⁸⁹ Ngehlulela lokhu uKuzwa okukimi, niyabo. KuneNto ethize phakathi lapha, ethi, “O, basekhona abanye. Kusenabanye abaningi.” Niyabo?

²⁹⁰ Manje wena uthi, “Awu, mina, ngijoyine ibandla, Mfowethu Branham. NgiyiPentecostal. A—a—angi. . .” Angisho lokho, mngani. Angibuza khona lokho, nhlobo.

Ngibuza ukuthi, “Unakho yini ukuPhila kukaKristu na?”

²⁹¹ Futhi wena uthi, “Mfowethu Branham, ngikhulume ngezilimi.” Lokho kuhle. Kodwa lokho kusalokhu kungesikho engibuza ngakho.

²⁹² Wena uthi, “Mfowethu Branham, angikaze ngilimaze muntu.” Lokho kusalokhu kungesikho engibuza ngakho.

“UkuPhila kukaKristu kukuwe na?”

²⁹³ Ungathathi ishansi, mngani. Ungakwenzi, ungakwenzi, ungakwenzi lokho. Kuzoba ngenkathi lapho u...Lapho ukufa kukushaya, sekuleyithi kakhulu ngaleyonkathi. Ungakwenzi. Ngiyacela ungakwenzi.

²⁹⁴ Manje sinabaningi kakhulu lapha khona manje, ngizofanele nginikeze ikamelo elincane labanye futhi. Ngizokhulekela laba, futhi manje-ke ukuze sikwazi ukungena, singene ekamelweni lapho ukuze size sibeke izandla phezu kwabo, bemukele uMoya oNgcwele. Sizobe-ke sesikhuleka khona manje senzele laba.

Khothamisani amakhanda enu umzuzwana nje.

²⁹⁵ Baba wethu waseZulwini, lapha yilabo abakhothame lapha, abangabesilisa nabesifazane, bangabantu abaqonde ePhakadeni. Bona, bafanele bahambe, siyakwazi lokho. Futhi sibona ukuzamazama komhlaba okuningi, lokho, nezwe endaweni elikuyo manje. Futhi sibona uKristu eza kithi futhi enza izinto Azenzayo, futhi sibona uMlayezo, iZwi liphuma ngqo, bese-ke siMbona eza ngqo emva kwaLo futhi eLiqinisekisa ukuthi liyiQiniso, azi zonke izimfihlo zenhliziyi. Nalabantu manje beze ngaphambili ukuba benze isinqumo sokuma. Bebengeke bakwenze lokhu ngesingabo. Beza ngoba baholiwe ukuba beze.

²⁹⁶ Futhi, Baba, ngibenzela umkhuleko khona lapha. Kungesikho okwensindiso yabo kuphela, ukuba basindiswe, kodwa ukuze bagcwaliswe ngoMoya oNgcwele. Siphe khona, Nkosi. Kwangathi ngamunye omi lapha angagcwaliswa ngoMoya, futhi kwangathi kusukela lapha kungafika imvuselelo kulolonke lelizwe, ezovele nje inyakazise lomphakathi nalolonke lelizwe macala onke. Siphe khona, Nkosi.

²⁹⁷ Futhi onke amabandla, neMethodisti, iBaptisti, iPresbyterian, ichurch of Christ, iLuthela, noma kungahle kube yiliphi, kwangathi angeza imvuselelo, Nkosi, yalabantu bebuyela emuva noMoya oNgcwele wangempela ubonakalisa uNkulunkulu ezimpilweni zabo. Siphe khona, Baba. BangabaKho manje, futhi ngibanikela kuWe. Manje sizobafaka futhi sibeke izandla phezu kwabo, Nkosi, ukuze bemukele uMoya oNgcwele. EGameni likaJesu.

Manje sonke sisagobise amakhanda ethu.

²⁹⁸ Ngicela *leli* qembu manje, lilandele *lendoda* khona lapha ngasecaleni lenu, ngakho ithola, sifinyelela kini emuva ngapha ekamelweni. Sinendawo ngapha yenu ukuba niguqe phansi; siyeza sibeke izandla phezu kwenu, ukuthi nizokwemukela uMoya oNgcwele. Futhi uma nigula, nizophiliswa. Futhi nje nanoma yini eniyidingayo, yanini khona lapha manje.

Singangena ngqo nani. Bangingi osazozu, kodwa ba—bangelincane. . . Akukho kamelo kubo ukuba bame. Sifuna nje ukwenza lelihholo eliyidabuli; libe kahle, hambani ningene ngqo lapha, kuleli—lelicala *ngapha*. Nakho-ke. UNkulunkulu anibusise.

²⁹⁹ Manje, kini nonke lapha manje; lapho bephuma, anigudluki ngani nenyukele lapha ngqo manje futhi, nenzele umkhuleko. Futhi sigcwalisa lendawo phama futhi, ngapha manje.

³⁰⁰ Siyongena lapho ukuba semukele umbhaphathizo kaMoya oNgcwele. Siyangena.

³⁰¹ Emva kokuba sesibone inkomba yaleyoNkosi uJesu lapha phambi kwethu, leliviki, futhi sazi ngaleya kwethunzi lokungabaza, ukuthi lowo nguYe lapha. Manje khumbulani, uMoya oNgcwele ofanayo, uJesu ofanayo okwaze ukungitshela ukuthi bekuyini indaba ngalabobantu, lapho abebekhona, ukuthi bebengobani, ukuthi bebengavelaphi, ukuthi kuzokwenzekani kubo. Futhi niyazi akukaze kwehluleke nakanye; futhi akusoze, akusoze. Lowo Moya oNgcwele ofanayo ungitshela ukuba ngenze lokhu. Lokho kunjalo. Ngikwenza ngoholo lukaMoya oNgcwele.

³⁰² Manje kuseyilokhu, lizothi nje leliqembu lingaphuma kuleli elinye ikamelo lapha, ngaphambi kokuba siye laphaya, sifuna nize manje. Nina lapha, wozani, gudlukani nenyukele ngapha manje. Bonke abanye benu lapha ofuna umbhaphathizo kaMoya, ungeze yini khona manje. Gudlukani nenyuke ngapha. UNkulunkulu akubusise, nsizwa. Futhi uma abanye benu begula, futhi bengagcwalisiwe ngoMoya oNgcwele, anizi ngani nemukele uKristu, niMemukele khona-ke nizoma kangcono kulobubusuku.

³⁰³ Lelinenekazi lishaywe nje lalahlwa phansi yi. . . liphansi kakhulu kokulahlwa yicala ngangokuthi alikwazanga ukukumela. Bayalisiza ukuba liye ekamelweni. Woza manje, wena, olandelayo wakho lapha manje. Kunenqwaba yendawo emi ezungezile manje. Yenyuka, wena ongamalunga ebandla, amaMethodisti, amaBaptisti. Asiniceli ukuba ni. . .

³⁰⁴ Lalelani, bangani, ngiyazi bathi, “IPhentekoste, balihlela iphentekoste.” Yiphutha lelo.

³⁰⁵ IPhentekoste liyisehlakalo. AmaMethodisti ayaLithola. AmaBaptisti ayaLithola. Onke ayaLithola. IPhentekoste alenziwe inhlangano. Yisehlakalo. Futhi uma ungakaze ube nesehlakalo sephentekoste, woza uLemukele manje. Khumbulani, uma ungikholwa ukuthi ngiyinceku yaKhe, umprofethi waKhe, khumbula, kunombhaphathizo kaMoya oNgcwele wangoqobo. Khona phakathi kwabo bonke ubuhlanya, kusalokhu kukhona uMoya oNgcwele wangoqobo, ukuPhila kwangoqobo. Woza, uLikhholwe khona manje.

306 Ungeze yini sisacula nje elilodwa, amanye amavesi amabili aleliculo, ukuze ngiqiniseke ukuthi umphefumulo wami uhlanzekile uma sengisuka kulelidolobha manje, igazi alizukuba phezu kwawo na? Ngiyazi Ukhuluma kwabanye. Awuzingani na?

“...-vuma” manje ku...namhlanje;

UNkulunkulu akubusise, mfana omncane. UNkulunkulu anibusise nina nonke enimi lapha manje.

“Ci-...” (Nakho-ke. Yenyukani.) “...-shu ukuvuma,”

307 Wozani, kunoma yiliphi icala lendlu. Ngaphandle, ngaphakathi, ovulande basesitezi, noma ngabe ikuphi, yehlani ngqo manje, phansi ngqo lapha. Thathani indawo yenu nenzele uKristu. Ningabi namahloni ngaYe. Uma benifa; ukuba ke ubuzwa inhliziyi yakho ingqabashiya khona manje na? Futhi, khumbulani, Lowo ukhuluma kuwe, Ubambe inhliziyi yakho ngesandla saKhe. Uyayazi imfihlo yenhliziyi yakho. Ngikusho eGameni leNkosi, kunabanye abaningi lapha okumele beze. Anizi ngani na? Uthi, “Ngabe yimi, Mfowethu Branham na?” Yebo, nguwe. Uma ungavumi, ungayithathi ishansi.

...thandeka kakhulu; O wena owuzulane, woza.

“Cishu ukuvu-...” (Nakho-ke. Nakho-ke.)
“...-vuma,” isivuno...

Nakho-ke, isivuno sesithi asedlule. Woza.

“Cishu...”

308 Ngoluny’usuku, kuyoba leyithi kakhulu. Ungalindi elinye ihora, omunye umzuzu. Sukuma ngqo bese uyeza. Nsizwa, lethla intombi yakho. Lethla isoka lakho. Mama, lethla ubabayi. Wozani, khona manje, wonke umuntu. Ntombi, nsizwa, noma ngabe ungubani; khehla, salukazi, wozani. Yikho lokhu. Uma usugugile, khumbula ukuthi ngisanda kunikhombisani, ngeBhayibheli, nizoguqulwa uma nje nizokwemukela iNzalo ka Abrahama.

...ku kodwa kuzokwehluleka!

Okudabukisayo, okudabukisayo, lokho kulila okumuncu: “Cishe, kodwa ulahleke!”

Asikhothamise amakhanda ethu manje.

309 Nkosi Jesu, O Nkulunkulu, hlola zonke izinhliziyi. Hlola wonke umuntu, Moya oNgcwele oMkhulu. O Nkulunkulu, makungabi sezeni kulokhu, ngisho umuntu oyedwa. Kwangathi wonke umuntu, wonke umuntu, Nkosi, angasindiswa. Ungavumeli oyedwa wabo aduke aphume, Nkosi. Ngiyababiza, eGameni leNkosi uJesu, babenga—babengamagugu omqhele weNkosi yami, o, OBukhona bakhe bulapha manje, iNsika

yoMlilo enkulu ihambahamba endlini, ishwibeka phezu kwezinhliziyiyo. Ngiyakhuleka, Nkulunkulu, ukuthi leyonhliziyiyo izogqabula lawomaketango, futhi ivuke futhi ize kamnandi kuJesu Kristu, ithi, “Nkosi, konke engiyikho, ngilapha. Ngithathe futhi ungibumbe, Nkosi, endlini yaKho enkulu yokubumba; futhi ungewalise, futhi ungenze indodana noma indodakazi kaNkulunkulu.” Siphe khona, Nkosi. Kwangathi lokhu kungabanjalo.

³¹⁰ Sisaqhubeka ukuba sicule elinye futhi ivesi, ungakwenza na? Khona-ke sizodingeka sivale manje, ngokushesha, ngoba sifanele sifinyelele ngapha nabobonke abanye.

“Cish’ukuvu- . . .”

³¹¹ Wozani manje. Wozani ngqo manje, ningeze na? UNkulunkulu akubisise, s’thandwa. “Emlonyeni wezingane, Wemukela udumo.”

O, “Cish’ukuvuma,” o, ungasulatheli;
Jesu . . .

³¹² Lowo nguYe emema wena, ekhuluma enhliziyweni yakho. “Angazi noma yimi yini na?” Uma kukhona ichashaza elilodwa lokungabaza, woza!

. . .zilibala eduzane,
Imikhuleko ivuka ezinhliziyweni ezithandeka
kakhulu; O wena owuzulane, woza.

³¹³ Asikhothamise amakhanda ethu manje, ngenkathi laba besalungiselela. Manje njengoba nima lapha, bhekani phansi nje. Niyakhumbula, nidingeke nize ngokusho..okunye ukushaya komthambo kwenye iNto ethize ngaphakathi kini, inithshela ukuthi kunento ethize encane engalungile empilweni yenu. Ngiyasazisa isinqumo sokuma kwenu. Khumbulani, uJesu wathi, “Uma ninamahloni ngaMi phambi komuntu, Ngiyakuba namahloni ngani phambi kukaBaba waMi neziNgelosi ezingwele. Kodwa lowo oyoNgivuma phambi komuntu, yena Ngiyakumvuma phambi kukaBaba waMi neziNgelosi ezingwele.”

³¹⁴ Futhi manje kunabantu abambalwa ngempela emuva phakathi lapha manje, oselungele ukujoyinana nathi manje emkhulekweni, ukuthi uzosindiswa futhi ugewaliswe ngoMoya oNgwele. Mtshela nje ukuthi uyazisola ngalokho okwenzile, futhi uzoba ngumKristu kusukela manje kuqhubeke, ngomusa waKhe, futhi ufuna umbhaphathizo kaMoya oNgwele ozokuholela phansi kwedlulele ohambweni lokuphila.

³¹⁵ Baba waseZulwini, bangamagugu emqheleni waKho. Bebengeke beze, bebengeke beze, ingekho iNto ebaxwayisile. Futhi Wena wathi, “Akekho ongeza uma uBaba waMi engamdonsi. Nakho konke uBaba aNgiphe khona kuyoza.” Futhi nampa beza, ngeNto ethize ibatshela ukuba beze.

Manje-ke Wena uqala umsebenzi, Nkosi. Ngikhulekela ukuthi Uzowuqeda, kulobubusuku, kubo, Nkosi, ngokubenza amadodana namadodakazi kaNkulunkulu. Siphe khona. Kwangathi kungelahleke namunye wabo. Ngibethula kuWe manje njengemiklomelo yeZwi laKho noBukhona baKho. EGameni likaJesu Kristu. Amen.

³¹⁶ Manje buyelani ngqo ekamelweni, size sikwazi ukufika kini. Yanini ngakwesokudla, lapha. Abangenisi bazonihola nibuyele emuva ngqo.

³¹⁷ Futhi manje—manje angazi noma izisebenzi eziqondene nabantu manje zizoza yini, zilandele laba bangene ngqo, abaningi bezisebenzi eziqondene nabantu abavela kwamanye amabandla.

³¹⁸ Nina befundisi ofuna ukubuyela phakathi lapho nathi manje, ukuthola ukuthi ngabe lokhu kwenziwa kahle yini nje noma qha, wozani, nibuyele emuva nathi. Wozani, niguqe nabantu benu, ukuba bemukele uMoya oNgcwele. Ngamunye, wozani ngqo ne...Nina befundisi, noma yimuphi wenu, iMethodisti, iBaptisti, iPresbyterian, akunandaba ukuthi ungubani, woza. Uyamenywa. Woza nalababantu.

³¹⁹ Futhi nina zisebenzi eziqondene nabantu enivela emabandleni ehlukenene, owaziyo ukuthi kukhulekwa kanjani nabantu, bekani izandla phezu kwabo, wozani manje. Laba ba—lapho babekwa ezandleni zenu; bayimiklomelo yeZwi. Ningeze yini manje ngalesisikhathi, izisebenzi zenu eziqondene nabantu, bese nenza indlela yenu ebuyela emuva, ngaphambi kokuba sishintshe umhlangano lapha okumzuzu nje. Wozani manje, gudlukani ningene ngqo. Lokho kuhle. Buyelani ngqo ekamelweni, izinqwaba zekamelo emuva lapho manje. Buyelani emuva ngqo futhi nenze konke eningakwenza ukuba nisize lababantu abathandekayo. Lapho, uJesu ubalethile; Ubabambe wabafaka enethini leVangeli. Manje bathatheni nibase emuva lapho futhi asikhuleke nabo, ukuthi uNkulunkulu uzogcwalisa ngamunye wabo ngoMoya oNgcwele. Valani iminyango, hlalani khona lapho kuze kwenzeke. Wethembisa ukuthi Uyokwenza. Futhi Wakwethembisa, futhi Uyosigcina isithembisa saKhe. Uqinisile impela nje esithembisweni saKhe, njengokuba sizobonakala lapha phambi kwethu.

Nkosi, babusise!

³²⁰ Befundisi, nikhona na? Bashumayeli, bantu nje, okhathalele ekubhekisiseni noma ukuthola abantu ukuba bemukele uMoya oNgcwele, umsebenzi wenu wokugada manje, hambani nabo, yimani ngakubantu benu, nina madoda aqeqesheke kahle abenesehlakalo noMoya oNgcwele; nani besifazane abaqeqesheke kahle owaziyo ukuthi kusho ukuthini, hambani nabo odade emuva lapho lapho bekhona. Wena owaziyo ukuthi kwenziwani, hlalani nabo emuva lapho manje. Khona

manje yisikhathi senu. Lokhu kungenkathi yomsebenzi wenu wokugada. Lona ngumbala wenu, manje ukuba nihambe. UNkulunkulu anibusise. Nakho-ke. Thathani indawo yenu nje bese niyongena ngqo nabo lapho, futhi nihlale lapho futhi niqiniseke ukuthi—ukuthi kuyenziwa, futhi kwenziwa kahle. Nihlale lapho nize nibone ubumnandi bukaKristu kulowo ngamunye wabo. UNkulunkulu uzonihlonipha ngakho. Amen, futhi amen.

O, ngiyakuthanda lokho. Bukani nje ukuthi yini eye emuva phakathi lapho!

³²¹ Ngabe usekhona omunye phakathi lapha ongangenanga, obefanele angene na? Uma ekhona, ungasukuma bese ulandela lezizisebenzi eziqondene nabantu ungene ngqo na? Kwenze, uzokwenza na? Uma ekhona oyedwa phakathi lapha o—ongazizweli ukuthi—ukuthi ulapho nje ofanele ubekhona.

³²² Manje, khumbula, mfowethu, dadewethu, ngi—ngingeke ngakwenza lokhu kwenzeke. Niyabo, uNkulunkulu Nguye Owenza lezizinto, hhayi mina. Manje ngikhulekela ukuthi uNkulunkulu uzonipha nje lezizinto, futhi aninike i—i—isehlakalo sombhaphathizo kaMoya oNgcwele.

³²³ Nonke nina bantu manje enithanda iNkosi uJesu, nofuna ukungena futhi akhuleke, buyelani emuva lapha manje futhi nikhuleke nalababantu. Nizokwenza na? Ngiyabonga. Ngiyabonga, ngomusa kakhulu.

³²⁴ Niyazi, uma ngibona izisebenzi eziqondene nabantu zihamba nabantu, ngine...Ngifuna ukusho lokhu ngani bantu lapha, ofakazisayo ukuthi wena wenziwe ngani. Ngiyile ezindaweni, ngisho, nabantu ofanele ukuba ngabantu abagcwaliswe ngoMoya, futhi ngibona ukubizelwa ealtare okuningi kwenziwa, futhi, ngani, wawungeke uthole abantu ukuba bangene nanoma ubani, ukuba bakhuleke nabo. Niyabo, lokho kukhombisa ukuthi yi *Ikabodi*, “uMoya weNkosi usukile.” Niyabo? Kodwa uma nibona leyontshisekelo noMlilo nokulangazelela, nokulangazelela imiphefumulo yabantu!

³²⁵ Niyaqaphela, lonke iviki, ngisanda kuthatha isikhathi sami nje, futhi ngabhekisisa ngokubona okufihlakele nezinto ezinjalo, ukuthi abantu bebezokubamba futhi bathole ukuthi uMoya oNgcwele useduzane, bese-ke ngenza lokho kubizela ealtare. Nina befundisi niyaqonda ukuthi bengenzeni na? Niyabo, ukwenza ukubizela ealtare manje ngenkathi sebekholisekile, manje amakhulu abo aphakathi lapho manje ukuba emukele uMoya oNgcwele. Nabaningi bangene nabo, ukuba bakhuleke nabo.

Manje uma ekhona omunye umuntu lapha, ukuze . . .

³²⁶ Ngizosho lokhu, ukuthi nibubonile uBukhona bukaKristu, leliviki, eziqinisekisa Yena uqobo lapha. NiMbonile.

327 Futhi manje khumbulani, lokho, akukho gazi eliyoba phezu kwami ngaloloSuku, uma lukusasa. Luzoba khona, ngolunye lwalezizinsuku. Khumbulani nje, sizoma Lapho. Akunandaba ukuthi ungubani, uzoma Lapho, noma kanjani. “Kumisiwe ukuthi umuntu afe kube kanye, bese kuthi emva kwalokho ukwaHlulelwa,” futhi sizoma Lapho.

328 Manje uma ungaqinisekile ngokuphelele ukuthi unoKristu, uMoya oNgcwele enhliziyweni yakho, futhi Uziqinisekisa Yena uqobo phakathi lapho, ngothando nokuthula nokujabula nezithelo zikaMoya, nokuPhila kukaKristu kuhlala kuwe, manje-ke, khumbula, igazi lakho alikho ezandleni zami. Kanjalo naye Angeke abe necala, ngoba Ubonakele phambi kwakho, futhi wazikhombisa Yena uqobo lapha impela nemiBhalo. Bangaki abazokufakaza lokho, ngokuphakamisa isandla sakho, uthi, “NgiKubonile kuleliviki”? Kulungile, niyabo, khona-ke asinaphutha. Asinazaba.

329 Manje ngabe ukhona ofunayo, omunye futhi ongathanda ukuza na? Ukuze ngikwazi ukuthi ngithi, njengoba isikhathi sami sesilungela ukusuka lapha kusasa, uma iNkosi ithanda, ngingathi, “Ngikhululekile kulolonke igazi kuleyomvuselelo. Ngenze okwedlula konke kwami, Nkosi. Ngikunikela kuWe. Manje Uvele nje. . . ngamunye.”

330 Manje bangaki phakathi lapha, ogulayo nodingayo manje, futhi ongathanda ukuba nomkhuleko wakho uqobo, ake sinibone niphakamisa izandla zenu. Kulungile, yonke indlu jikelele.

331 Manje ngizonicela ningenzele into ethize. Manje ningabakholwayo na? Manje ngifuna ningenzele into ethize manje. Bekani izandla zenu phezu komunye nomunye. Bekani nje izandla zenu ziphambane ngqo phezu komunye nomunye, futhi manje, bukani, ngifuna nikhuleke, nikhuleke nje.

332 Manje khumbulani, bonke abantu ozongena emgqeni womkhuleko kusasa, bafanele babelapha ngaphambi kwesikhathi, futhi babenekhadi lomkhuleko. Ulibambe ngesandla sakho uma sekufika isikhathi somugqa manje. Uma unothandekayo, nina bazalwane beMethodisti, iBaptisti, iPresbyterian, noma ngabe ungubani, uma unabagulayo, ukuthi, wo—woza nabo ngqo, woza ngqo wenyukele emgqeni nabo. Woza uzitholele ikhadi lomkhuleko, ngoba. . . Bese-ke uletha ikhadi lomkhuleko ngqo emgqeni; abangenisi bazolicosha. Bazokwedlula futhi bakhulekelwe.

333 Ngikholwa ukuthi uNkulunkulu uzokwenza izinto ezithize ezinkulu kusasa. Ngithemba ukuthi Uzozenza. Yingaleso sizathu ngenza ukubizela ealtare okuningi, ngenze konke engingakwenza, ukuba ngifumane umusa kuYe.

334 Manje sonke sisakhothamisa amakhanda ethu, nani nonke nikhulekela omunye nomunye. Manje iBhayibheli

lathi, “Lezizibonakaliso ziyakubalandela abakholwayo.” Manje khulekela owesilisa noma owesifazane obeke isandla sakho phezu kwakhe, ngokuba bakhulekela wena. Niyabo? Ungazikhulekeli wena. Khulekela bona. Bekani izandla zenu phezu komunye nomunye, bese nikhuleka. Nje bekani izandla zenu. Nakhoke.

³³⁵ Manje khuleka ngendlela owenza ngayo ebandleni lakho. Uthi, “Nkosi Jesu, philisa lo bandla, othandekayo, udade; lona bandla, othandekayo, umfowethu; noma kungaba ngubani. Bayagula, Nkosi. Futhi ngi—ngingokholwayo, futhi ngizolandela iZwi laKho. NeZwi laKho lathi, ‘Lezizibonakaliso ziyakubalandela abakholwayo. Uma bebeka izandla zabo phezu kwabagulayo, bayakusinda.’ Futhi ngibeka izandla zami phezu kogulayo, lomuntu ogulayo, lomfowethu ogulayo, lodade ogulayo. Ngi—ngi—ngiyakhuleka, Nkulunkulu, ukuthi Uzoqinisa iZwi laKho, nesibonakaliso sizolandela, futhi bazophiliswa.”

³³⁶ Nkosi Jesu, ngiyabakhulekela, nalamaduku; ukuthi, eGameni likaJesu Kristu, iNdodana kaNkulunkulu, ukuthi Uzophilisa wonke umuntu oseBukhoneni bobuNkulunkulu.

³³⁷ Sathane, uhlulwe yimpi. Babubonile uBukhona bukaKristu. Balizwile iZwi laKhe, baLibona libonakaliswa. Izone ziphakathi lapho, zifuna insindiso. Uhlulwe yimpi. Phuma kulababantu, eGameni likaJesu Kristu. Bayeke, ukuba ungabe usabahlupha.

³³⁸ Futhi makuthi uNkulunkulu waseZulwini abavuse, ekuphileni futhi, nempilo enhle namandla. Kwangathi labo abaphethe amakhadi omkhuleko bangadingi ngisho nokungena emgqeni womkhuleko, kusasa. Kwangathi uMoya oNgcwele ungavele nje ufake umfutho leliqembu labantu, futhi ubaphilise bonke ngenxa yenkazimulo kaNkulunkulu.

Manje qhubeka, mfowethu.



UJEHOVA-JIRA 3 ZUL64-0404
(Jehovah-Jireh 3)

LomMlayezo ngo Mfowethu William Marrion Branham, okokuqala wethulwa ngesiNgisi ngoMgqibelo kusihlwa, ngo Apreli 4, ngo 1964, e4-H Club Barn eLouisville, eMississippi, eU.S.A., uthathelwe ekuqopheni kweteyipu enozibuthe futhi washicilelwa ungafinqiwe ngesiNgisi. Lokhu ukuhunyushwa ngesiZulu kwashicilelwa futhi kwakhishwa yiVoice Of God Recordings.

ZULU

©2015 VGR, ALL RIGHTS RESERVED

VOICE OF GOD RECORDINGS, SOUTH AFRICA OFFICE
58 DISA ROAD, ADMIRAL'S PARK, GORDON'S BAY 7140 WESTERN CAPE
REPUBLIC OF SOUTH AFRICA

VOICE OF GOD RECORDINGS
P.O. BOX 950, JEFFERSONVILLE, INDIANA 47131 U.S.A.
www.branham.org

Inothisi yelungelo langokomthetho

Onke amalungelo agodliwe. Lencwadi ingaprintwa kwiprinta yasekhaya yenzelwe okuqondene nomuntu noma inikezelwe, ngesihle, njengethuluzi ukusabalalisa iVangeli likaJesu Kristu. Lencwadi ingethengiswe, iphinde ikhiqizwe zibe ningi, iposwe kwiwebsayiti, igcinwe ngohlelo lokuthi iphinde itholakale, ihunyushelwe kwezinye izilwimi, noma isetshenziselwe ukuzicelela izimali ngaphandle kwemvume ebhaliwe eshiwoyo ye Voice Of God Recordings®.

Ngolwazi olwengeziwe noma olwenye impahla ekhona, siza uxhumane ne:

VOICE OF GOD RECORDINGS
P.O. Box 950, JEFFERSONVILLE, INDIANA 47131 U.S.A.
www.branham.org